


# YAFIKA KANJANI INGELOSI

## KIMI NOMYALO WAYO

 Nabazalwane cishe ba...ngibona inqwaba yemishini yokuqopha amazwi phansi lapha, futhi bazokuqopha lokhu, kusobala. Noma sikhathisini uma nje ufuna ukwazi ukuthi uMoya oNgewele utheni kuwe, thintana nabazalwane lapha onazo leziziqophamazwi, bangawahlehlisa lokho ngqo, ungalithola impela elakho ibhokisi. Futhi uqaphele futhi ubone ukuthi akwenzeki yini ngendlela impela oKusho ngayo nje, uyabo. Uma uyizwa isho, u “ISHO KANJE INKOSI, ‘Into ethize, kumbe *lokhu* kungalendlela,’” noma nje uyihlolisise futhi ubone ukuthi kuyikho noma qha. Uyabo? Kuhlala kungaleiyondlela.

<sup>2</sup> Manje, akengithi ukuhlehlala emuva kancane nje...Futhi ngithi ukujabula nje kulobubusuku ukuthi siyingcosana nje lapha. Singabafo nje basekhaya, asinjalo yini? Asiyizo, akekho oyizo kithina, izihambi. Asi...Ngingalusebenzisa nje ulimi lwami lwase Kentucky futhi ngizizwe ngisekhaya ngqo manje, ngoba si—vele si...Futhi angiyibukeli phansi njalo iKentucky manje, uma ekhona owaseKentucky lapha. Ngabe ukhona ovela eKentucky lapha na? Phakamisa isandla sakho. Awuthi! Kufanele ngizizwe ngisekhaya, angifanele na? Lokho kuhle kakhulu.

<sup>3</sup> Umama wami wayenendlu eqashiselwa ukudlela nokulala. Futhi ngahamba ngehlela lapho ngelinye ilanga ukuthola... Lapho isixuku esikhulu samadoda sasiqashe lapho, nelikhulu, elide itafula lidekiwe. Ngase ngithi, “Bangaki lapha koqhamuka eKentucky, sukumani.” Wonke umuntu wasukuma. Futhi ngenyukela ebandleni ngalobobusuku, ibandla lami, ngase ngithi, “Bangaki abavela eKentucky lapha na?” Wonke umuntu wasukuma. Ngakho ngingathi, “Awu, lokho kuhle kakhulu.” Amamishinary yenze umsebenzi oncomekayo, ngakho siyawabonga ngakho.

<sup>4</sup> Manje, eNcwadini yamaRoma, isahluko 11 nevesi lama 28. Lalelisani manje ekufundweni koMbhalo.

*Ngokwevangeli, bayizitha ngenxa yenu: kepha ngokukhethwa, bangabathandiweyo bo...ngenxa yawobaba.*

*Ngokuba izipho nokubiza kukaNkulunkulu kungaphandle kokuphenduka.*

<sup>5</sup> Asikhuleke. Nkosi, sisize kulobubusuku manje njengoba sisondelela kulokhu ngokuzithoba, ngenhliziyo yethu yonke, ngobuqotho, lezizinto zishiwo ngenxa yenkazimulo yaKho

kuphela. Futhi ngisize, Nkosi, futhi nje beka emqondweni wami nje izinto okumelwe zishiwo futhi zikhulunywe kangakanani. Ngimise uma sekuyisikhathi saKho. Ngiyacela ukuba izinhliziyozonke zizokwamukela lezizinto ukuze kusizakale abagulayo nabadingayo kulezizethameli. Ngokuba ngikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>6</sup> Manje, ngifuna ukusondela kulesisifundo njengoba siseyingcosana nje. Futhi—futhi ngizozama ukusheshe nginikhulule, ngizobeka iwashi lami phandle lapha futhi ngizame ngawo wonke amandla ami manje ukunikhulula kusekahle ukuze nibuye ebusuku kusasa. Manje, hlalani emkhulekweni. Angicabangi ukuthi umfana ngahle ukuba ukhipha ngisho amakhadi. Akaze ngimbuze noma u... Futhi uma bengawakhiphanga kumbe bewakhiphile kumbe qha, akunandaba. Sinawo amakhadi phakathi lapha uma empeleni sinokubabiza abanye. Ngakho, uma kungenjalo, kungani, sizovele sibone ukuthi uMoya oNgewele uthini.

<sup>7</sup> Manje, uma nizolalelisisa... Manje, lokhu kunga... njengoba ngi... Siyingcosana nje lapha, kuyisikhathi esihle ukusho lokhu, ngoba ku—kuqondene nobumina ngqo. Futhi kungalesosizathu ngifunda loMbhala kulobubusuku, ukuthi nibone ukuthi izipho nokubiza akusiyona into noma ngubani angazitusa ngayo.

<sup>8</sup> UPawulu ekhuluma lapha, wathi, “AmaJuda, emgqeni weVangeli, laphuphuthekiswa futhi aqhela kuNkulunkulu, ngenxa, yokuba kusizakale thina.” Kepha ivesi elingaphambili nje kwalokho, lathi, “Wonke ulsrayeli uyakusindiswa.” Wonke ulsrayeli uyakusindiswa. Ngokukhethwa, uNkulunkulu uBaba ubathandile futhi wabaphuphuthekisa ukuze thina beZizwe sithole indawo manje yokuphenduka, ukuze kuthi, ngoAbrahama, iziNzalo zakhe zibusise umhlaba wonke ngokweZwi laKhe. Niyabubona ubukhosi bukaNkulunkulu ukuthi bunjani na? IZwi laKhe kumele lenzeke nje. Akukho okunye Angabayikho nje. Namanje thina, ngo... UNkulunkulu usikhethile; Ukhethe iJuda; futhi U... .

<sup>9</sup> Zonke lezizinto kusolwazini lwangaphambili lukaNkulunkulu. Ngenkathi Ekhuluma ngazo ukuthi ziyoba kanjani, Wakwazi ngaphambili. Manje, uNkulunkulu, ukuze abe nguNkulunkulu, kwafanela ukuthi ekuqaleni Azi ukuphela kungenjalo Wayengesuye uNkulunkulu ongenenasiphelo. UNkulunkulu akathandi ukuba kubhubhe namunye. Impela qha! Akafuni ukuba kubhubhe namunye. Kepha ekuqaleni kokuqala kwezinsuku, u—umhlaba, uNkulunkulu wayazi kahle kamlhophe nje ukuthi ngubani oyakusindiswa nokuthi ngubani ongayikusindiswa. Kathandanga ukuba abantu balahleke, “Akusiyona intando yaKhe ukuba kulahleke namunye, kepha kuyintando yaKhe ukusindisa wonke umuntu,” kepha Wazi kwasekuqaleni ukuthi ngubani oyakusindiswa nokuthi ngubani

ongayikusindiswa. Kungalesosizathu Wayesho kungakenzeki athi, “*Lento iyokwenzeka. Leyonto iyokwenzeka,*” kumbe, “*Lokhu kuyakuba yilokho. Lomuntu uyakuba kanjeya.*” Uyabo?

<sup>10</sup> Wayekwazi kungakenzeki ngoba Ungongenasiphelo. Uma wazi ukuthi kusho ukuthini, okungukuthi nje, “ayikho into Angayaziyo.” Uyabo, Uyazi. Awu, akukho lutho kusukela ngaphambi kwesikhathi, nangemuva kungasekho sikhathi, uyabo, Usalokhu ekwazi konke. Konke kusemqondweni waKhe. Futhi-ke njengokusho kukaPawulu kumaRoma, isahluko 8 nese 9, “Pho kungani Esafumana iphutha na?” Ngakho siyakubona lokho, kepha uNkulunkulu. . .

<sup>11</sup> Kufana nokushumayela iVangeli. Omunye wathi, “Mfowethu Branham, uyakholwa yiloKho na?”

Ngathi, “Bheka.”

Wathi, “Kusho ukuthi ungumlandeli kaCalvin.”

Ngathi, “Ngingumlandeli kaCalvin inqobo nje uma ubuCalvin buseBhayibhelini.”

<sup>12</sup> Manje, kunegatsha eMthini, lokho kuyinkolelo kaCalvin, kepha maningi amagatsha eMthini, futhi. Umuthi unamagatsha angaphezu kwelilodwa. Wayefuna nje ukulithwala aliyise laphaya ekuPhepheni kwaPhakade, futhi emva kwesikhashana uqhubekela eSayenseni yemfundiso yokuthi sonke isintu siyosindiswa bese uwela phansi phandle laphaya ndawondawo, akukho ukuphela kukho. Kepha uma usuqedile ngobuCalvin, buyela phezulu uqale kwinkolo kaArminius. Uyabo, kukhona elinye igatsha eMthini, neline igatsha eMthini, qhubeka nje. Yonke into ndawonye yenza uMuthi. Ngakho ngiyakholwa e—e. . .kubuCalvin inqobo nje uma kuhlala emBhalweni.

<sup>13</sup> Futhi ngiyakholwa yikuthi uNkulunkulu wayazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wakhetha iBandla laKhe kuKristu, futhi wahlaba uKristu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UmBhalo washo kanjalo, “WayeyiWundlu likaNkulunkulu elahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe.” Uyabo? NoJesu wathi Wasazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, uPawulu washo ukuthi, “Wa—Wasazi futhi wasimisela ngaphambili ukusibeka sibe ngabantwana ngoJesu Kristu ngaphambi ngisho kokuba umhlaba uze ubunjwe.” Lowo nguNkulunkulu. Lowo nguBaba wethu. Uyabo?

<sup>14</sup> Ngakho ungakhathazeki, amasondo aphenduka kahle nje, yonke into iza nje ngesikhathi. Into kuphela, ukuba, ungene ejikeni. Futhi leyo yi—leyo yingxenye enhle ngakho, khona ke uyakwazi ukuthi kumele usebenze kanjani uma usungena ejikeni.

<sup>15</sup> Manje, qaphelani manje, “Izipho nokubiza ngaphandle kokuphenduka,” leyo yiyona-ndlela kuphela enginga—ngabeka ngokwemiBhalo ubizo lwami eNkosini. Futhi ngethemba ukuthi

nginabangani kulobubusuku abazokuqonda ngempela lokhu futhi bangacabangi ukuthi kuqondene nami ngedwa, kepha ukuze nibe nokuqonda futhi nazi nje ukuthi yini—lokho iNkosi ekushiloyo lokho Iyokwenza, futhi bathole kukhona okuqhubekayo bese belandela kukho.

<sup>16</sup> Manje, ekuqaleni, into yokuqala engingayikhumbula njalo ngumbono. Into yokuqala engingayikhumbula emqondweni wami ngumbono engawunikwa yiNkosi. Nalokho kwenzeka eminyakeni eminingi, eminingi eyadlulayo, ngangisengumfanyanyana. Futhi ngangiphethe idwala esandleni sami.

<sup>17</sup> Manje, ngiyaxolisa, ngiyakhumbula ngigqoke ingubo ende. Angazi noma nase (nayimuphi nonke) nibadala ngokwenele ukukhumbula ngenkathi abafanyana besagqoka izingubo ezinde. Bangaki phakathi lapha okhumbulayo ngenkathi abantwana besagqoka, yebo, izingubo ezinde na? Awu, ngisakhumbula, endlwaneni yami endadlana laphaya lapho esasakhe khona, ngangikhasa phansi. Futhi kwakukhona omunye, angazi ukuthi kwakungubani, ongenayo. NoMama owayengenzele elincane—iribhini elincane eliluhlaza okwesibhakabhaka engutsheni yami. Futhi ngangisacathula nje. Kodwa ngalengkathi ngangisakhasa, futhi ngatapuna iqhwa ngomunwe wami elalisezinyaweni zabo, futhi ngangidla iqhwa elaliwele onyaweni lwakhe emi ngaseziko, otha. Ngiyakhumbula umama wami engihlwitha engiphakamisa ukuba ngingalidli.

<sup>18</sup> Bese kuthi-ke into elandelayo engiyikhumbulayo, kufanele ukuthi kwase kuyiminyaka cishe emibili kamuva, ngangiphethe idwala elincane. Nalokho kwakuyongenza ukuthi ngibe cishe neminyaka emithathu ubudala, nomfowethu omncane ngaleyonkathi cishe eneminyaka engakevi kwemibili ubudala nje. Futhi ngakho sasiphandle egcekeni elingemuva lapho okwakukhona nje khona indawo endala yokucandela izinkuni lapho ababevame ukukhuphulela khona izinkuni futhi bazicande izinkuni. Bangaki ozikhumbulayo lezozinsuku lapho owawudonsa khona izinkuni phezulu egcekeni elingemuva futhi uzicande na? Nguwufakeleni uthayi ngisho kulobubusuku na? Ngi—ngisekhaya impela.

<sup>19</sup> Manje-ke lapho be...Phandle lapho endaweni endala yokucandela izinkuni kwakukhona igatsha elincane elehlela lapho, liqhamuka emthonjeni. Sasinenkezo yoswela endala yokukha amanzi enhla laphaya emthonjeni lapho esasikha khona amanzi ethu bese siwakhelela ebhakedeni elidala, ibhakade elidala lomsedari, bese silehlisa.

<sup>20</sup> Ngiyakhumbula ngesikhathi sokugcina ngibone ugogo wami omdala wayemncane, ngaphambi kokuba afe, wayenekhulu neshumi leminyaka ubudala. Lapho esefa, ngamqukula ngezingalo zami ngase ngimbamba kanje ngaphambi nje

kokuba afe. Wangigaxa, wayesethi, “UNkulunkulu abusise umphefumulo wakho, sithandwa, manje naphakade,” ngenkathi efa.

<sup>21</sup> Futhi angicabangi ukuthi owesifazane wayeke wabanazo i—izichathulo ezithi yena, empilweni yakhe. Futhi ngiyakhumbula ngimbhekisisa, futhi ngisho ngenkathi ngiseyinsizwa, ngangivamise ukwehla ngiyobabona, njalo ekuseni wayevuka, engafake sicathulo, futhi ahambe kuleloqhwa enyuka eya emthonjeni, athathe ibhakede lamanzi futhi abuye, izinyawo zakhe zihambe kulelo ngqo. Ngakho akunilimazi, waphila ikhulu leminyaka neshumi. Ngakho (yebo, mnumzane) wayeseguge, kakhulu kakhulu, futhi.

<sup>22</sup> Ngakho manje-ke ngiyakhumbula wayezongixoxela ngezimabula zikababa wami ayedlala ngazo esengumfana. “Nalowo muntu osemdala kangaka banda,” ngacabanga, “uzofinyelela kanjani kulesositezi phezulu laphaya na?” Encane, endala indlu kathayela enamakamelo amabili, futhi yayinesitezi phezulu laphaya. Futhi babenqume izintingo ezimbili, base benza isikhwelo, sokugibela. Awu, ngathi. . .

<sup>23</sup> Awu, manje, wathi, “Manje, emva kwedina ngizokuxoxela, ngikutshengise ezakho—izimabula zikayihlo.”

Ngase ngithi, “Kulungile.”

<sup>24</sup> Ngakho wayezongitshengisa zona, ebhokisini phezulu esitezi lapho ayefihla khona izinto zakhe njengoba benzenjalo abantu abadala. Futhi ngacabanga, “Ngizoke ngibone ukuthi umuntu omdala kangaka uzokhwela kanjani kulesosikhwelo na?” Ngakho ngazungeza ngaya lapho ngase ngithi, “Gogo,” ngathi, “manje, awume, s’thandwa, ngizokhwela phezulu lapha futhi ngikusize.”

<sup>25</sup> Wathi, “Buyela eceleni.” Phezulu kulesosikhwelo wanombelisa okwengweje. Wathi, “Awu, woza!”

Ngase ngithi, “Kulungile, Gogo.”

<sup>26</sup> Ngacabanga, “O, he, uma nami ngingaba njalo nje, ngibe nalawomandla angako kepha ngibe nginekhulu neshumi leminyaka ubudala!”

<sup>27</sup> Manje, khona ngiyakhumbula ngikulomthonjana omdala, futhi ngangiphethe idwala futhi ngangiliphonsa phansi kanjalo, odakeni, ngizama ukukhombisa umfowethu omncane ukuthi ngase nginamandla kangakanani. Futhi kwakukhona inyani eyayihleli phezulu esihlahleni futhi yayitshiyoza, iyilokhu inonsula, irobini elincane elidala noma into enjalo. Futhi, irobini encane, ngacabanga ukuthi yakhuluma kimi. Ngase ngiguquka ngae ngilalela, nenyoni yasuka yandiza, nePhimbo lathi, “Ingxenywe yempilo yakho enkulu uyoyiphila eduze kwedolobha elibizwa ngokuthiwa yiNew Albany.”

<sup>28</sup> Lokho kungamamayela amathathu ukusuka lapho engakhulela khona. Kwadlula, cishe unyaka kamuva, endaweni, ngingenalwazi lokuthi ngiyoke ngiye...eNew Albany. Ngasempilweni, zikanjani lezozinto...

<sup>29</sup> Manje, buka, abantu bakithi wayengesiwo amakholwa. Ubaba wami nomama babengasonti. Ngaphambi kwalokho, babeyiKatolika.

<sup>30</sup> Umshana wami omncane ohlezi phakathi lapha ndawondawo kulobubusuku, ngiqagele, angazi. Ulisosha. Ngiyamkhulekela. Qobo lwakhe uyiKatolika, useyilo iKatolika. Futhi izolo kusihlwa, ngenkathi elapha futhi wabona lezozinto zikaNkulunkulu, ubemi khona lapho emsamo. Wathi, emi lapho, wayesethi, “Malume uBill?” Wayekade ephesheya kwezilwandle isikhathi eside, wathi, “Ngenkathi ngikubona lokho...” Wathi, “Lokho—lokho akwenzeki ebandleni eliKatolika.” Wathi, “Lokho...ngi—ngiyakholwa, Malume uBill, uqinisile,” washo.

<sup>31</sup> Futhi ngakho ngathi, “S’thandwa, akusimina engiqinisile, nguYe oqinisile. Uyabo, *nguYe* oqinisile.” Futhi ngakho wayesethi wa...ngathi, “Manje, angikuceli ukuba ungenzi lutho, Melvin, kepha nje khonza iNkosi uJesu Kristu ngenhliziyo yakho yonke. Yana noma yikuphi lapho ofuna khona. Kepha qiniseka ukuthi enhliziyweni yakho ukuthi uJesu Kristu uzelwe kabusha, uyabo, enhliziyweni yakho. Bese-ke uya kunoma yiliphi isonto ofuna ukuya kulo emva kwalokho.”

<sup>32</sup> Manje, kepha abantu ngaphambi kwami babeyiKatolika. Ubaba wami ungumIrishi nomama wami wayengumIrishi. Umehluko kuphela lapho usegazini lobuIrishi, ugo go wami wayengumNdiya oliMelikana. Umama wami nje uthi akaxube. Futhi ngakho-ke ngase...kimina, kungesami... isizukulwane sakithi, emva kwezintathu sesifiphele. Kodwa kuyilokho kучезuka kuphela ekubeni ngumIrishi wokuqina, igama kwakunguHarvey noBranham. Bese kuthi-ke emva kwalokho kwakunguLyons, osenguye umIrishi. Futhi ngakho-ke bonke babeliKatolika. Kepha mina luqobo, sasingenakho ukuqeqeshwa kwezenkolo noma ukufundiswa kwasanhlobo, njengabantwana.

<sup>33</sup> Kepha lezoziphiwo, leynomibono, ngabona imibono kusukela lapho nse njengoba nje ngenza manje, kunjalo, ngoba izipho nokubiza kungaphandle kokuphenduka. Kungulwazi lwangaphambili lukaNkulunkulu, uNkulunkulu enza okuthize. Kusukela phansi empilweni ngangesaba ukusho noma yini ngakho.

<sup>34</sup> Niwufundile umlando wami encwajaneni ebizwa ngokuthi *UJesu Kristu oNguye iZolo, Namuhla, NaPhakade*. Ngicabanga ukuthi ukwezinye zezincwadi, lezi ezinye. Kunjalo, Gene na? Kungabe kukule, ejwayelekile—incwadi ejwayelekile, e—encwadini esinayo manje na? Kungabe, *uMlando ngeMpilo*

*na?* Ngicabanga ukuthi yiyo. Manje-ke ngenkathi sine... Akumangalisi lokho na? Izincwadi zami luqobo, futhi angikaze ngizifunde, mina luqobo. Kepha omunye othize uyazibhala, ngakho manje-ke kukhona okuthize nje abakuthathe emhlanganweni. Ngedlulile kulokho, ngakho ngibheke okunye okuthize njalo ukuba kwenzeka. Ngakho, khona-ke, zikahle, ngifunde izingxenye zazo manje, lapha nalaphaya, uma nje ngithola ithuba.

<sup>35</sup> Futhi manje, nokho, njengo—njengomfanyana, uyawazi umbono ukuthi wakhuluma kanjani kimi, ngangineminyaka cishe eyisikhombisa ubudala, wayesethi, “Ungaphuzi kumbe ubheme kumbe ungcolise umzimba wakho nangayiphi indlela, kuyoba nomsebenzi okumele uwenze nxa usukhulile.” Futhi nikuzwile lokho kushiwo encwadini. Awu, kunjalo. Njalo kwakuyilokhu kwenzeka.

<sup>36</sup> Ngenkathi ngiba ngumfundisi, awu, khona-ke—khona-ke impela kwaqala ukwenzeka sonke isikhathi.

<sup>37</sup> Futhi mina ngobunye ubusuku ngabona iNkosi yethu uJesu. Ngikusho lokhu ngemvume, ngiyakholwa, evela kuMoya oNgcwele. INgelosi yeNkosi efikayo ayisiyona iNkosi uJesu. Akubukeki njengaYe embonweni ofanayo. Ngokuba, umbono engawubonayo weNkosi uJesu, WayeyiNdoda encane. Wayenge... Ngangiphumele ensimini, ngikhulekela ubaba wami. Futhi ngiyabuya ngingena ngase ngiya embhedeni, nangalobobusuku ngambuka nga—ngathi, “O Nkulunkulu, msindise!”

<sup>38</sup> Umama wami usevele esesindisiwe futhi ngambhaphathiza. Khona-ke ngase ngicabanga, “O, ubaba wami uphuza kangaka.” Ngase ngicabanga, “Uma nje bengingamtholela ukuba emukele iNkosi uJesu!” Ngaphuma, ngalala phansi embhejaneni omdala owendlalwe ngotshani phandle ekamelweni elingaphambili, eduze komnyango.

<sup>39</sup> Futhi Into ethize yathi kimi, “Sukuma.” Ngase ngisukuma, ngahamba ngezinyawo, ngase ngibuyela ensimini emva kwami, insimu endala yotshani obusamshanelo obukhakhathayo.

<sup>40</sup> Nalapho, kumi ngamafidi angeqile eshumini ukusuka kimi, kumi iNdoda; egqoke ingubo emhlophe, uMfo omncane; ezisonge *kanje* izingalo zaKhe; intshebe, ithe ukuba mfishane; izinwele zehle zashaya emahlombe aKhe; futhi Wayebuka nganhlangene kwami, *kanjeya*; ebukeya egcwele ukuthula. Kepha angikuqondanga, ukuthi kanjani izinyawo zaKhe, olunye nje emva kolunye. Nomoya uphephetha, ingubo yaKhe inyakaza, njengokunyakaza kotshani bomshanelo.

<sup>41</sup> Ngacabanga, “Manje, awume kancane.” Ngaziluma. Ngathi, “Manje, angilele.” Ngase ngidonsela phansi, ngadonsa isijuwana saleso sithonjana sokunonga sasiphuka, uyazi, ngasithola sinjengothi lokuvungula kuso. Ngasibeka emlonyeni

wami. Ngabuka emuva ngasendlini. Ngathi, “Qhabo, bengiphakathi laphaya ngikhulekela ubaba, neNto ethize yathi phuma uze la, nalapha kumi leNdoda.”

<sup>42</sup> Ngacabanga, “Lokho kubukeka njengeNkosi uJesu.” Ngacabanga, “Angazi noma kuyikho na?” Wayebuka nje impela, ngqo ngalapho indlu yethu ihleli khona manje. Ngakho ngazungeleza ngapha ukubona ukuthi ngingaMbona yini. Futhi ngangiyibona ingxenye yobuso baKhe kanjalo. Kepha Wa... Ngazungeleza ngapha ukuMbona. Ngase ngithi, “Mm!” AkuMnyakazisanga neze. Ngase ngicabanga, “Ngikholwa ukuthi ngizoMbiza.” Ngase ngithi, “Jesu.” Nalapho Esekwenzile, Waphenduka wabuka kanjalo. Kwaba yilokho kuphela engikukhumbulayo, Wavele welula izingalo zaKhe.

<sup>43</sup> Akukho mdwebi emhlabeni ongapenda isithombe saKhe, izakhiwo zobuso baKhe. Esingcono kakhulu esengake ngasibona yileso sikaHofmann *seKhandu likaKristu enamaShumi amaThathu-naNtathu*, nginaso kuyoyonke incwadi efundwayo nakho konke engikusebenzisayo. Kungoba sona sibukeka nje njengakho nse, futhi ngakho-ke...noma sisishe sisondele, sisondele impela.

<sup>44</sup> Wayebukeka njenge (Ndoda) uma Wayengakhuluma umhlaba wawungafika ekupheleni, kepha nokho evame kakhulu uthando nomusa ungaze—u...Ngavele ngagexezela. Futhi sekukhanya, ngazithola nje sengisekuntweleni ezansi, iyembe lephijama limanzi te yizinyembezi, sekuthi dwe kimi, ngihamba, ngibuya ngidabula ensimini yesithonjana sokunonga esiqhakaza izimbali, ngiya ekhaya.

<sup>45</sup> Ngakutshela umngane wami ongumfundisi. Wathi, “Billy, Lokho kuzokuhlanyisa.” Wathi, “Lokho udeveli.” Futhi wathi, “Ungaluthwa yize elinjalo.” Ngangingumfundisi weBaptisti ngalesosikhathi.

<sup>46</sup> Awu, ngawelela komunye umngani wami omdala. Ngahlala phansi futhi ngamtshela ngaKho. Ngathi, “Mfowethu, ucabangani ngaLokho na?”

<sup>47</sup> Wathi, “Awu, Billy, ngizokutshela.” Wathi, “Ngiyakholwa uma ungazama ukugcina impilo yakho, vele ushumayeke okuseBhayibhelini lapha, umusa kaNkulunkulu nokunye, ngingeke ngathatheka yinto-thize eyisimangaliso, into enjengaleyo.”

<sup>48</sup> Ngathi, “Mnumzane, angiqonde kuthathwa yinto-thize eyisimangaliso.” Ngathi, “Into kuphela engizama ukuyithola yikuthi yini lena.”

<sup>49</sup> Wathi, “Billy, eminyakeni eyadlulayo babevamise ukubanazo lezozinto emabandleni. Kepha,” wathi, “ngenkathi abaphostoli bephela, lezozinto zaphela nakho.” Futhi wathi, “Manje into kuphela esinayo e...nayiyiphi inhlobo yokubona lezozinto,” wathi, “kungokwemimoya, amadimoni.”



Ngathi, “O Mfowethu McKinney, uqonde lokho na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

Ngathi, “O Nkulunkulu, yibanomusa kimi!”

<sup>50</sup> Ngathi, “ngi—ngi...O, Mfowethu McKinney, unga—ungazihlanganisa nami emthandazweni ukuthi uNkulunkulu ngeke akuvumele neze kwenzeke kimi? Uyazi ngiyaMthanda futhi angifuni ukubanephutha kulezizinto.” Ngathi, “Thandaza nami.”

<sup>51</sup> Wathi, “Ngizokwenza, Mfowethu Billy.” Futhi ngakho sabanomkhuleko khona lapho e—endlini yomfundisi.

<sup>52</sup> Ngabuza abafundisi abaningana. Into efanayo yayifika. Khona-ke ngesaba ukubabuza, ngoba babeyocabanga ukuthi ngangingudeveli. Ngakho nga—ngangingafuni ukubanjalo. Ngazi enhliziyweni yami ukuthi kwenzeke into ethile. Manje, yilokho kuphela, kwaku—kwakukhona into ethize enhliziyweni yami eyenzeka. Futhi ngangingafuni ukubanjalo, neze.

<sup>53</sup> Ngakho kamuva eminyakeni, ngezwa ngelinye ilanga ezansi ebandleni iFirst Baptisti lapho engangililunga khona ngalesosikhathi, ngezwa omunye ethi, “Awusho, sengathi nga ubuhambele ngale futhi wabezwa labobaginqiki abangcwele izolo ebusuku.”

<sup>54</sup> Futhi ngacabanga, “Abaginqiki abangcwele?” Futhi umngane wami, uWalt Johnson, umculi webhesi, ngase ngithi, “Bekuyini leyo, Mfowethu Walt na?”

Wathi, “Isigejane salamaPentekoste.”

Ngathi, “Ini?”

<sup>55</sup> Wathi, “AmaPentekoste!” Wathi, “Billy, uma ungake uze ukubone lokho,” wathi, “babeginqika phansi kanjalo futhi begxuma phansi phezulu.” Futhi wathi, “Bathi babekhuluma kungezwakali ngohlobo oluthize lwezilimi ezingaziwa noma be—babengasindisiwe.”

Futhi ngathi, “Kukuphi lokho na?”

<sup>56</sup> “O,” wathi, “umhlango wethende elincane elidala phandle laphaya, kwenye ingxenye yaseLouisville.” Wathi, “Abantu bamakhaladi, kusobala.”

Futhi ngathi, “Ehhe.”

Futhi wathi, “Kunenqwaba yabantu abamhlophe lapho.”

Ngathi, “Bakwenzile lokho, nabo na?”

Wathi, “Yebo, yebo! Bakwenzile, nabo.”

<sup>57</sup> Ngathi, “Lokho kuyaxaka, futhi abantu bazixubanisa entweni enjalo.” Ngathi, “Awu, ngiqagela ukuthi vele sifanele ukubanazo lezozinto.” NgeSonto ekuseni, angisoze ngikukhohlwe. Wayedla isinqamu sekhasi elomile le orintshi ngenxa yokuqunjelwa ayenakho, futhi ngisakubona kahle nje

njengokungathi bekuyizolo. Futhi ngacabanga, “Ukukhuluma okungezwakali, ukugxuma phansi naphezulu, nhloboni yezinkolo abayozithola ngokulandelayo na?” Futhi ngakho nga—ngaqhubeka.

<sup>58</sup> Kamuva kusukela kulokho, ngahlangana nendoda endala ela ebandleni mhlawumbe manje, kumbe ibilapha ngale ebandleni, inguJohn Ryan igama. Futhi ngahlangana naye endaweni... Umfo omdala onentshebe ende nezinwele, futhi angahle ukuba ulapha. Ngacabanga ukuthi wayevela eBenton Harbor enhla lapha, eNdlini kaDavide.

<sup>59</sup> Futhi babenendawo eLouisville. Ngangizama ukubathola labobantu, futhi babekubiza ngokuthi yiSikole sabaProfethi. Ngakho ngacabanga ukuthi ngizohamba ngiye ngale futhi ngibone ukuthi lokho kwabe kuyini. Awu, angibonanga muntu egingika phansi, kepha babenezinye izimfundiso ezingejwaywelekile. Futhi kulapho la ngahlangana khona nalendoda endala, yangimema ukuba ngenyukele endaweni yayo.

<sup>60</sup> Ngenyukela ukuyohlaba ikhefu. Futhi ngangilapho usuku olulodwa, futhi ngabuyela endlini yayo futhi yayisihambile, futhi yayiye ndawondawo ezansi eIndianapolis. Yathi, “INkosi yayibiza,” umkayo.

Ngathi, “Usho ukuthi ungadedela leyonododa isuke igijime kanjalo na?”

<sup>61</sup> Wathi, “O, uyinceku kaNkulunkulu!” Umuntu omdala bandla wafa emavikini ambalwa edlulileyo, ngiyezwa. Futhi wayethembekile kuye. He, lowo yilona hlobo lomfazi ukuba nalo! Kuliqiniso. Kulungile noma kungalungile, nokho uqinisile! Ngathi...Awu, ngazi babe...

<sup>62</sup> Manje u...Mfowethu Ryan, ulapha na? Akekho lapha. Wayekhona ngolunye usuku, wayengekho, bafana na?

<sup>63</sup> Awu, bavele baphile ngalokho abakutholayo, futhi wayengenalutho angaludla endlini. Kunjalo. Futhi ngangibambe inhlanzi phandle esizibeni, noma echibikazini, eMichigan, futhi ngibuyela emuva ezansi futhi ngibuyela ezansi—futhi ngibuyela endaweni. Futhi babengenawo ngisho amafutha engulube endlini, noma ugilisi, ukupheka inhlanzi ngawo. Futhi ngathi, “Ukushiye ungenalutho endlini na?”

Wathi, “O, kepha uyinceku kaNkulunkulu, Mfowethu Bill!” Wathi, “U...”

<sup>64</sup> Futhi ngacabanga, “Awu, ayibusiswe inhliziyi yakho endala. Mfowethu, ngiyokuma ngakuwe impela.” Kunjalo. “Ucabanga kangako ngendoda yakho, ngilungele ukujoyina phezulu futhi ngime ngakuwe ngalokho.” Kunjalo. Sidinga abanye futhi abesifazane abanjalo namuhla, namanye futhi amadoda acabanga ngomkawo kanjalo. Kunjalo. Bekuyoba

yiMelika engcono uma amadoda namakhosikazi bengahlangana ndawonye kanjalo. Kulungile noma kungalungile, bahlale nabo. Bekungebebikho izahlukaniso eziningi kangaka.

<sup>65</sup> Ngakho sa—saya e. . . Ngase-ke ngiqhubeka. Futhi endleleni yami ngiya ekhaya, kwakuyinto exakile, ngehla ngedlula eMishawaka. Futhi ngibone ezincane—izimoto ezindala ezincane manje, zimi emgwaqeni, bizwa. . . izimpawu ezinkulu kuzo zithe, “UJesu Yedwa.” Ngacabanga, “Kushoni. . . ‘UJesu Yedwa,’ lokho kufanele ukuba ngokwenkolo.” Futhi ngaweleda ngapha futhi nanti amabhayisikili linakho kulo, “UJesu Yedwa.” Okadilak, oModel-T Fodo, konke, “UJesu Yedwa” kuyo. Ngacabanga, “Awu, kuyamangalisa ukuthi yini leyo na?”

<sup>66</sup> Ngakho ngakulandela ngazungeza; ngifika ngithola ukuthi, kwakungumhlangotho wezenkolo, ishumi nanhlanu lamakhulu kuya ezinkulungwaneni ezimbili zabantu lapho. Futhi ngakuzwa konke lokho lapho ukukhamuluka nokugxuma phansi naphezulu, futhi kuqhubeka. Ngacabanga, “Awusho, nakhu lapho ngizobona khona ukuthi yini abaginqiki abangcwele.”

<sup>67</sup> Ngakho ngangineFodo yami endala, uyazi, engangithi iyohamba amamayela angamashumi amathathu ngehora, ishumi nanhlanu ngapha neshumi nanhlanu phansi naphezulu ngapha. Ngakho ngayimisa eceleni, nga. . . sengithole indawo yokupaka, futhi ngahamba ngabuyela emuva ngehlasa umgwaqo. Ngahamba ngangena, ngaqalaza, nawo wonke umuntu emile lowo ongama. Ngabuka phezu kwamakhanda abo. Futhi babekhamuluka, futhi begxuma, futhi bewa, futhi beqhubeka. Ngacabanga, “Wewu, mm, abantu abanjalo!”

<sup>68</sup> Kepha ukuma kwami kade lapho, ngezwa sekumnandi. Ngacabanga, “Lokho kubukeka kukuhle impela.” Ngacabanga, “Akukho lutho olubi ngalabobantu. Abahlanyi.” Ngathola ukukhuluma nabanye babo, ngakho ba—babengabantu abakahle. Ngakho ngathi. . .

<sup>69</sup> Awu, manje, lowo ngumhlangotho ofanayo engaphuma ngahlala ubusuku bonke ngalobo busuku, nangosuku olulandelayo ngahamba ngangena. Futhi ningizwile ngikuxoxa lokho emlandwini wempilo yami. Ngangisemsamo nekhulu namashumi amahlanu, kumbe abafundisi abangamakhulu amabili, futhi mhlawumpe ngaphezulu, futhi babefuna wonke umuntu ukuba avele asukume asho ukuthi babevelaphi. Futhi ngathi, “Umvangeli William Branham, eJeffersonville,” ngahlala phansi, “umBaptisti,” ngakho, ngahlala phansi. Ngamunye esho ukuthi babengabakuphi.

<sup>70</sup> Ngakho ngalokhokusa okulandelayo ngenkathi ngingena lapho. . . Ngalala ensimini ubusuku bonke ngalobobusuku, futhi ngacindezela ibhulukwe lami phakathi nezihlalo ezimbili zeFodo, uyazi, futhi nga—nga. . . intwentwesi elidala

lebhlukwe, isikhipha esincane, uyazi. Ngakho ngakusasa ekuseni ngaya emhlanganweni, ngigqoke isikhipha sami esincane. Ngangihambe. . .

<sup>71</sup> Ngangingenalutho ngaphandle kwamadola amathathu, futhi ngangizothola upetilolo owanele ukungifikisa ekhaya. Futhi ngase-ke nga—ngazithengela izinkwa ezisongiwe, leyonhlobo endala, uyazi, kepha ngangilungile. Futhi ngaya epayipini elikhulu lamanzi, ngazikhela ingilazi yamanzi, uyazi, futhi zazikahle impela. Ngakho ngangizicwilisile kancane, futhi ngaba nokudla kwasekuseni.

<sup>72</sup> Manje, ngangingadla nabo, manje, badla kabili ngelanga. Kepha ngangingenakubeka lutho emnikelweni, ngakho nganginge—ngenakucela kubo.

<sup>73</sup> Ngakho ngase-ke—ngase-ke ngingena lapho ngalokho kusa, bathi. . . ngifanele nje ukusho lengxenywe yakho. Futhi kanjalo ngangena lapho ngalokho kusa, base bethi, “Sifuna uWilliam Branham, umvangeli osemncane ubesemsamo izolo ebusuku, umBaptisti.” Wathi, “Simfuna ukuba alethe umlayezo kulokh’ukusa.” Ngabona ukuthi kwakuzongidonsa kanzima, lesosigejane sabantu, mina umBaptisti. Ngakho ngavele ngathi ne phansi esihlalweni sami. Ngangigqoke intwentwesi lebhlukwe nesikhipha; niyazi, futhi sasigqoka izevatho zobufundisi, ngakho. . . Futhi ngahlala emuva esihlalweni kanje. Ngakho wabuza izikhathi ezimbili noma ezintathu. Futhi ngahlala phansi ngakumfowethu oyikhaladi.

<sup>74</sup> Futhi isizathu sokuba babenengqungquthela yabo eNyakatho, kungoba ukwehlukana kwakusekhona eNingizimu. Ngakho abakwazanga ukubanayo eNingizimu.

<sup>75</sup> Ngakho ngamangala ukuthi lo “Jesu Yedwa” wayemayelana nani. Futhi ngacabanga, “Inqobo nje uma kunguJesu, kulungile. Ngakho akwenzi mahluko noma kuyi. . . kunjani, inqobo nje uma kunguYe.”

<sup>76</sup> Ngakho ngahlala laphaya kancanyana futhi ngabaqaphela, futhi ngakho babiza iziqubu zimbili noma ezintathu ngaphezulu. Futhi lomfowethu wekhaladi wangigqozela, wathi, “Uyamazi na?” Nga—nga—nga. . . Elamanqamu lalilapho. Ngangingeqambe amanga endodeni, ngangingafuni ukuwaqamba.

Ngathi, “Buka, mfowethu. Yebo, ngiyamazi.”

Wathi, “Pho, hamba umlande.”

<sup>77</sup> Ngathi, “Awu, ngi—ngizokutshela, mfowethu,” ngathi, “Nginguye. Kodwa, uyabo,” Ngathi, “buka, ngi. . . lamantwentwesi ebhlukwe.”

“Yenyukela laphaya.”

<sup>78</sup> Futhi ngathi, “Qha, ngeke ngenyukela laphaya,” ngathi, “ngigqoke lelibhlukwe, elinje, lesisikhipha esincane.”

Wathi, “Labobantu abakhathali ukuthi ugqoka kanjani.”

<sup>79</sup> Futhi ngathi, “Awu, buka, ungasho lutho. Uyezwa na?” Ngathi, “Uyabo, ngigqoke lamantwentwesi ebhulukwe, angifuni ukwenyukela laphaya.”

Bathi, “Ukhona owaziyo ukuthi uWilliam Branham ukuphi na?”

Wathi, “Nangu! Nangu!”

<sup>80</sup> O, he! Ubuso bami bababomvu tebhhu, uyazi; futhi ngingagqoke-thayi, uyazi; nalesisikijana esidala, uyazi, nemikhonywana engiyigqokile enje. Futhi ngahamba ngenyukela lapho, nezindlebe zami zivutha. Ngangingakaze ngibe seduzane kombhobho.

<sup>81</sup> Futhi ngakho ngaya koshumayela phezulu laphaya, futhi ngathatha indikimba, soze ngayikhohlwa, “Isicebi saphakamisa amehlo aso sisesihogweni, sase-ke sikhala.” Mina, izikhathi eziningi, ngishumayela izinto ezincane ezintathu kanjalo, “Wozani, nibone umuntu,” “Uyakholwa yilokhu na?” noma “Sasesikhala.” Futhi ngaqhubeka ngithi, “Akukho-zimbali, sase-ke sikhala. Akukho mihlangano yomkhuleko, sasesikhala. Akukho bantwana, sasesikhala. Akukho maculo, sase sikhala.” Ngase ngikhala.

<sup>82</sup> Ngakho emva kokuba sekwedlule konke, ngani, he, bavele . . . bonke bangizungeza, bengifuna ngifike ngibabambele inkonzo. Futhi ngacabanga, “Awusho, mhlawumbe ngingumginqiki ongcwele!” Uyabo? Ngakho ngacabanga, “Mhlawumbe . . .” Uyabo, babengabantu abahle kabi.

<sup>83</sup> Futhi ngenyuka ngaphuma lapho. Indoda egqoke amabhuzu omfana wezinkomo, nesigqoko esikhulu somfana wezinkomo, ngathi, “Ungubani na?”

Yathi, “NgiyiLunga u*S'bani-bani* ngivela eTexas.”

Ngacabanga, “Awu, lokho kubukeke . . .”

<sup>84</sup> Omunye umlisa wenyuka egqoke lelibhulukwe eliyimbilijisanyana, uyazi, babevamise ukudlala ngawo igalofu, nelinye elincinyane lalawomajakhethe ayijezi. Wathi, “NginguMfu. *S'bani-bani* ngivela eFlorida. Ungafika ubambe . . .”

<sup>85</sup> Ngacabanga, “Ngisekhaya uqobo, mfana, lapha lamantwentwesi ebhulukwe nesikipha. Lokho kulungile nje.”

<sup>86</sup> Ngakho, niwuzwile umlando ngempilo yami ngalezozinto, ngakho ngizoma lapha bese nginitshela into ethize engingakaze ngiyixoxe ngaphambili. Into yokuqala, ngifuna ukunibuza . . . bengizokwedlula lokho. Angikaze ngikusho ngaphambili emphakathini, empilweni yami. Uma ningethembisa ukuthi niyangithanda futhi nizozama ukungithanda kakhulu impela emva kokuba ngisho lokhu njengoba ngenza ngaphambi

kokuba ngikusho, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Leso yisethembiso sakho, ngizokubamba kuso.

<sup>87</sup> Ngihlezi enkonzweni ngalobobusuku, ngenkathi behlabelela amaculo abo bashaya izandla zabo. Futhi babecula, “Ngi...” Leloculo elincane, “Ngiyazi kwakuliGazi, ngiyazi kwakuliGazi.” Futhi babegijima phansi naphezulu ezikhaleni zezihlalo, nakho konke, futhi nje behlokoma futhi bedumisa iNkosi. Ngacabanga, “Lokho kuzwakala kumnandi ngokuyisimanga kimi.” Ngiqala...

<sup>88</sup> Futhi ngaso sonke isikhathi babebhekisa eZenzweni, iZenzo 2:4, iZenzo 2:38, iZenzo 10:49, konke lokho. Ngacabanga, “Awusho, lokho ngumBhalo! Angikaze ngiKubone nje kanjalo ngaphambili.” Kodwa, o, inhliziyo yami yayivutha, ngacabanga, “Lokhu yisimangaliso!” Ngacabanga ukuthi babeyisixuku sabaginqiki abangcwele ngenkathi ngihlangana nabo okokuqala, futhi ngacabanga, “O, he! Manje bayisixuku sezingelosi.” Uyabo, ngaguqula umqondo wami ngokukhulu ukushesha.

<sup>89</sup> Ngakho ngokusa okulandelayo ngenkathi iNkosi kade inginika lelithuba elikhulu lokubamba lezizinkonzo, ngacabanga, “O, he, ngizohamba nalesisixuku sabantu! Lokho kumele kube uhlobo lwalokho ababekubiza nge ‘Methodist ehlokomayo.’ Kwathi ukuqhubeka kancane nje,” ngacabanga. “Mhlawumbe yilokho okuyikho.” Ngakho ngacabanga, “Awu, ngi... Impela ngiyakuthanda lokho. O, kukhona into ethize engiyithandayo ngabo, bathobile futhi bamnandi.”

<sup>90</sup> Ngakho into eyodwa engingayiqondanga kwakuyilokho ukukhuluma ngezilimi, lokho kwangithola. Futhi nga... Kwakukhona indoda eyodwa, ngithi, ihlezi *lapha* nenye ngapha futhi babengabaholi beqembu. *Lona* wayesukuma futhi akhulume ngezilimi, *lona* wayekuhumusha bese esho izinto ngenkonzo nokunjalo. Ngacabanga, “He, whewu, kumele ngikufunde lokho!” Ngakho-ke, ngokuphambana, kuwela ku*lona* bese-ke kubuyela ku*loya*; futhi ngamunye wayekhuluma ngezilimi, kuhunyushwe. Lonke ibandla lalikhuluma, kepha kwakungabonakali ukuhumusha kufika njengakulamadoda amabili. Manje, ngibone bahlala basondelane ndawonye, ngacabanga, “O, he, bona bafanele ukuba ziNgelosi!” Ngakho ngisahlezi emuva lapha...

<sup>91</sup> Noma ngabe lokho kwakuyini (uyazi) lokho angikwazanga, Kwakufika kimi. Futhi nginendlela yokwazi izinto uma iNkosi ifuna ngikwazi, uyazi. Futhi ang... Kungalesosizathu ngithi angikuphefumuli lokhu, nhlobo ngaphambili emphakathini. Uma ngempela ngifuna ukuthola noma yini, iNkosi ngokuvamile iyangitshela ngalezizinto. Singesalokho-ke isiphiwo, uyabo. Ngakho ungeke uvele ukuphonse kuphumele phambi kwabantu lokho, kuba sekufana nokuphonsa amaparele akho phambi

kwezingulube. Kungengcwele, into engcwele, futhi awufuni ukukwenza lokho. Ngakho, uNkulunkulu uyongibeka icala. Njengokukhuluma kubazalwane nokunye, ngingezame ukufumana into ethize embi ngomfowethu.

<sup>92</sup> Ngesinye isikhathi ngihlezi etafuleni nendoda, yona ingigaxile, yathi, “O, Mfowethu Branham, ngiyakuthanda.” Futhi ngaqhubeka ngizwa into ethize inyakaza. Ngayibuka. Yayingafanele ukungitshela lokho; ngazi ukuthi ayikwenzanga, uyabo, ngoba kwakulapho. Yayingumzencisi phaqha, uma wake wabakhona oyedwa, uyabo, futhi khona lapho ingigaxile.

<sup>93</sup> Ngathi, “Awu, kulungile,” ngasuka ngahamba. Angifuni ukukwazi lokho. Ngigoka nje ukuyazi ngendlela engiyazi ngayo, njengomfowethu, bese ngikushiya kanjalo. Kube nguNkulunkulu owenza konke. Uyabo? Futhi angifuni uku... angazi, ukufuna ukwazi lezozinto.

<sup>94</sup> Futhi izikhathi eziningi kulezizinto, akukho lapha ebandleni. Ngizobe ngihlezi ekamalweni, ngihlezi endlini yokudlela, noMoya oNgcwele uzongitshela izinto ezokwenzeka. Abantu okhona la owaziyo ukuthi kuliqiniso. Ngiyohlala ekhaya lami futhi ngiyothi, “Manje, qaphela, kukhona imoto ezayo emva kwesikhashana. Kuyoba ngo *thize*, umuntu *othize*. Bangeniseni, ngokuba iNkosi ithe bazoba lapha.” “Uma sehla ngomgwaqo, kuzoba khona izinto *ezithize* ezenzekayo. Qaphela kuleyompambano laphaya, ngoba uzocishe ushayiswe.” Futhi nje bonani uma kungengaleiyondlela, niyabo, ngaso sonke isikhathi, kungokuphelele nje! Ngakho awufuni ukuziphonsa kakhulu kulokho, ngoba ubunga... Ku—kuyi... Ungakusebenzisa, kuyisiphiwo sikaNkulunkulu, kepha kofanele uqaphele ukuthi wenzani ngaso. UNkulunkulu uyokubeka icala.

<sup>95</sup> Buka kuMose. UMose wabe eyindoda ethunywe nguNkulunkulu. Uyakukholwa lokho na? Emiselwe ngaphambili, egcotshiwe ngaphambili, futhi wenziwa umprofethi! Futhi uNkulunkulu wamthuma phandle lapho, wathi, “Hamba ukhulume kulo idwala,” emva kokuba selishayiwe. Wathi, “Hamba ukhulume kulo idwala, futhi liyoveza amanzi alo.”

<sup>96</sup> Kepha uMose ethukuthele waphuma wagijimela lapho wayeselishaya idwala. Amanzi awaphumanga, walishaya futhi, wathi, “Nina bahlubuki! Kufanele sinilethele amanzi aphuma kulelidwala na?”

<sup>97</sup> Uyabona ukuthi uNkulunkulu wenzani na? Amanzi ayafika, kepha wathi, “Yenyukela lapha Mose.” Lokho kwaba ngukuphela kwakho, uyabo. Umele ukuqaphela lezozinto, ngakho u... ukuthi wenzani ngeziphiwo zaPhezulu.

<sup>98</sup> Njengomshumayeli nje, umshumayeli olungileyo onamandla, futhi uyaphuma futhi ashumayeke kuphela ukuba nje athathe iminikelo nemali, uNkulunkulu uyombeka

icala ngalokho. Kunjalo. Umele ukuqaphela ukuthi wenzani ngeziphwiwo zaPhezulu. Futhi, kumbe azame ukwenza udumo olukhulu noma igama elikhulu lesonto elithize, noma igama elikhulu lakhe qobo. Ngingaqoka ukuba nobusuku obubili noma obuthathu benkonzo futhi ngingamathelise ndawondawo, futhi ngithobe, futhi ngihlale phansi. Futhi niyazi ukuthi ngichaza ini. Yebo, mnumzane, njalo gcina indawo yakho lapho uNkulunkulu angabeka khona isandla saKhe kuwe.

Lena yiMpilo yangaphakathi manje, khumbula.

<sup>99</sup> Ngakho ke lolusuku, ngacabanga, “Awu, ngizokwenyuka.” Futhi nje ngethuka kakhulu ngalabobantu, ngacabanga, “Ngizothola ngalawo madoda.” Naphandle egcekeni ngangilokhu ngiwafuna emva kokuphela kwenkonzo. Ngqalaza. Ngathola eyodwa yawo, ngathi, “Unjani, mnumzane na?”

<sup>100</sup> Yathi, “Unjani!” Yathi, “Bekunguwe umshumayeli osemncane oshumayeke kulokhu ukusa na?”

Ngathi. . .nganginamashumi amabili nantathu eminyaka ubudala ngaleso sikhathi. Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Yayisithi, “Bekungubani igama lakho na?”

Ngathi, “Branham.” Futhi ngathi, “Elakho ke?”

<sup>101</sup> Futhi yangitshela igama layo. Futhi ngacabanga, “Awu, manje, uma nje ngingaxhumana nomoya wayo manje.” Futhi nokho ngingakazi ukuthi kwakuyini leyo eyayikwenza. Futhi ngathi, “Awu, yisho, mnumzane,” ngathi, “nina bantu nineNto ethize lapha engingenayo.”

Yathi, “Sewawuthola uMoya oNgcwele selokhu wakholwa na?”

Ngathi, “Awu, ngingumBaptist.”

<sup>102</sup> Yathi, “Kodwa sewawemukela uMoya oNgcwele selokhu wakholwa na?”

<sup>103</sup> Futhi ngathi, “Awu, mfowethu, usho ukuthini na?” Ngathi, “A—anginakho nonke eninakho, ngiyakwazi lokho!” Ngathi, “Ngoba nineNto ethize ebonakala inamandla futhi ngakho. . .”

Yathi, “Sewake wakhuluma ngezilimi na?”

Futhi ngathi, “Qha, mnumzane.”

Yathi, “Ngizokutshela khona masinyane ukuthi awunawo uMoya oNgcwele.”

<sup>104</sup> Futhi ngathi, “Awu, uma ngi. . .Uma kuthatha lokho ukuthola uMoya oNgcwele, anginaYe.”

<sup>105</sup> Futhi ngakho yathi, “Awu, uma ungakakhulumi ngezilimi, awunaYe.”

<sup>106</sup> Nokuqhubeka nengxoxo yakhe ngaleyondlela, ngathi, “Awu, ngingaWutholaphi na?”



107 Yathi, “Ngena ekamelweni laphaya futhi uqale ukufuna uMoya oNgcwele.”

108 Futhi ngangiyilokhu ngiyiqaphile, uyazi. Ayazanga ukuthi ngangenzeni, kepha i...Ngazi ukuthi yayizwa kancane okungajwayeleleke, ngoba i...amehlo ayo aqala ukuba sangilazi kancane ngenkathi ingibuka. Futhi i...Kodwa yabe ingumKristu ngokoqobo. Ngokoqobo, izwakala ngekhulu lamapesente yayingumKristu. Kunjalo. Awu, ngacabanga, “Kadunyiswe uNkulunkulu, naKhu lapha! Ngi—bengi—ngimele ukungena kulelo altare ndawondawo.”

109 Ngaphuma, ngaqalaza ndawo zonke, ngacabanga, “Ngizothola enye indoda.” Futhi sengiyitholile futhi ngaqala ukukhuluma nayo, ngathi, “Unjani, mnumzane?”

110 Yathi, “Awusho, ubandla lini na?” Yathi, “Bangitshela ukuthi ungumBaptisti.”

Ngathi, “Yebo.”

Yayisithi, “Awukabi naye uMoya oNgcwele, okwamanje, usunaye na?”

Ngathi, “Awu, angazi.”

Yathi, “Wake wakhuluma ngezilimi?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

Yathi, “AwunaYe.”

111 Futhi ngathi, “Awu, ngiyazi anginakho eninakho nonke. Ngiyakwazi lokho.” Futhi ngathi, “Kodwa, mfowethu, ngiyaMfuna ngempela.”

Yathi, “Awu, nantiya—nantiya idamu, lilungile.”

112 Ngathi, “Ngibhaphathiziwe. Kodwa,” ngathi, “Ngi—angikakwemukeli eninakho nonke.” Ngathi, “Unento ethize engi—engiyifuna ngempela.”

Yayisithi, “Awu, lokho kuhle.”

113 Ngangizama ukuyibamba, uyabo. Futhi uma ngi... Ngenkathi ekgucineni sengithole umoya wayo, manje, leyo kwakungenye indoda, uma ngake ngakhuluma nenkunzi yomzenzisi, yayingomunye wabo. Yayihlala...Umkayo wayengowesifazane onekhanda elimnyama, yayihlala nomlungu onezinwele ezimhloshana futhi inezingane ezimbili kuye. Iphuza, iqalekisa, igijima emahhotela, nakho konke okunye, kepha nokho phakathi laphaya futhi ikhuluma ngezilimi futhi iprofetha.

114 Ngase ngithi, “Nkosi, ngithethelele.” Ngaya ekhaya. Kunjalo. Ngathi, “Ngizovele ngithole i...Angikuqondi. Kwabonakala sengathi uMoya oNgcwele obusisiwe uyehla, futhi kulowomzenzisi.” Ngathi, “Ngeke kwenzeke! Kwaphela nje.”

<sup>115</sup> Phakathi kwelesisikhathi eside ngaleyonkathi, mina ngifunda futhi ngikhala, ngacabanga uma ngingaphuma nabo mhlawumbe ngingathola ukuthi kwakumayelana nani konke. Nangu oyedwa, umKristu ngokoqobo; nomunye, umzenzisi wangempela. Ngase ngicabanga, “Kuyini ngakho na? O,” ngathi, “Nkulunkulu, mhlawumbe—mhlawumbe kukhona into engahambi kahle kimi.” Futhi ngathi, ngokuba ngofuna isisekelo, “Lokho kuzo . . . fanele ukubona lokho eBhayibhelini. Kumele kube khona.”

<sup>116</sup> Kimina, yonke into eyenzekayo kumele iqhamuke kuleliBhayibheli kungenjalo akulungile. Kumele kuqhamuke Lapha. Kungafakazeleka eBhayibhelini, kungabi yindawo eyodwa nje, kodwa kumele kusuke le ngeBhayibheli. Ngifanele ngikukholwe. Kufanele kuhlangane okwesisila sejuba futhi kubophane ndawonye nayoyonke imiBhalo kungenjalo angikukholwa. Bese-ke kuthi, ngoba uPawulu wathi, “Uma ingelosi evela eZulwini ifika, ishukumayela noma yiliphi ivangeli, mayibe ngeqalekisiweyo.” Ngakho ngikhulwa iBhayibheli.

Futhi ngathi, “Ngangingakaze ngiyibone into enjalo eBhayibhelini.”

<sup>117</sup> Eminyakeni emibili kamuva, emva kokuba sengilahlekelwe ngumkami nakho konke, ngangiphezulu laphaya eGreen’s Mill, indawana yami endala phezulu laphaya, ngikhuleka. Bengibuyele emgedeni wami emuva laphaya izinsuku ezimbili noma ezintathu, kwakuyizinsuku ezimbili. Ngaphuma ukuze ngithole ukuphefumula okuncanyana, ukuphefumula umoya. Futhi ngenkathi ngiphuma lapho, iBhayibheli lami lalilele ngaphandle laphaya phezu kokugcina kogodo uma nje ungena. Isihlahla esidala sawiswa ngumoya, sasinebhaxa kuso. Manje, u . . . Sasinebhaxa lilele libheke phezulu *kanje*, nesihlahla silele phansi. Futhi ngavele ngahlala ngagxamalazela logodo, ngilala phandle lapho ngesikhathi sasebusuku, ngibuka phezulu ngasezibhakabhakeni kanjalo, isandla sami silele sabheka phezulu *kanje*, futhi ngezinye izikhathi ngiyolala ngilele phandle impela phezu kogodo kanjalo, ngikhuleka. Ngibe phezulu lapho izinsuku eziningana, ngingadli nje noma ngiphuze, ngilapho nje ngikhuleka. Futhi ngaphuma ukuba ngithole umoya omusha omncane, ngaphandle kwalowomgede; kwakupholile, kuswakeme emuva phakathi laphaya.

<sup>118</sup> Ngakho-ke ngiyaphuma futhi nanto iBhayibheli lami lilele lapho benginaLo khona ngakuthangi, futhi lalivulwe kumaHeberu, isahluko 6. Futhi ngiqala ukufunda lapho, “Masibeke eceleni . . . o . . . siye ekupheleleni, singabuyi sibeke isisekelo sokuphenduka nemisebenzi efileyo nokukholwa nguNkulunkulu,” nokunye. “Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, benziwa abahlanganyeli besiphiwo sasezulwini, nokubiza,” nokunye. Kepha kwathi, “Kepha ameva namakhakhasi okuseduze nokwaleka okuphela

kwawo... amanzi... imvula efika kaningi phezu komhlabathi ukuwulungisa nokuwulungiselela lokho okuse—lokho okuseduze nokwaleka, ngameva namakhakhasi, okuphela kwawo kungukushiswa.”

Nenye Into yahamba, “Wuuuush!”

<sup>119</sup> Ngacabanga, “NaKhu. Ngizozwa manje noma ngabe Wa... Wangivusa lapha, Ulungiselela ukunginika umbono khona manje.” Ngalinda lapho ekugcineni kwalologodo, futhi ngalinda. Ngavuka ngaya emuva naphambili, enhla nasezansi. Ngabuyela emuva, akwangenzeka lutho. Ngabuyela emuva emgedeni wami futhi, akwangenzeka lutho. Ngama lapho, ngacabanga, “Awu, yini lena na?”

<sup>120</sup> Ngaya ngale eBhayibhelini lami futhi, futhi, o, Kuvele kubuyela konke phezu kwami futhi. NgaLicosha, futhi ngacabanga, “Kuyini okuphakathi laphaya Afuna ngikufunde na?” Ngaghubeka ngehla nokufunda ngoku “phendukela kuNkulunkulu, nokukholwa,” nokunye, futhi ngafunda ngehlela lapho Okwathi, “Imvula ifika kaningi phezu komhlabathi ukuwulungisa nokuwulungiselela okuwulinyelwayo, ngokwalapha, kepha ameva namakhakhasi okuseduze nokwaliwa okuphela kwakho ngukushiswa.” Futhi, o, Kwakunginyakazisa nje!

<sup>121</sup> Futhi ngacabanga, “Nkosi, Uzonginikeza umbono wani...” Ngangiphezulu laphaya ukuMcela ngenye into.

<sup>122</sup> Kwase kuthi khona manjalo, phambi kwami, ngibone izwe liphenduka, futhi laliphenduliwe lonke. Nalapha kwahamba indoda nezimhlophe, nekhandu layo libheke phezulu, ihlwanyela iziMbewu kanje. Futhi lapho isihambile, kufika, lapho nje isisithele egqumeni, nakhu kufika indoda emva kwayo, igqoke ezimnyama, nekhandu layo libheke phansi, ihlwanyela izimbewu. Futhi ngenkathi iziMbewu ezinhle ziqhamuka, kwakungukolo; nangenkathi izimbewu ezimbi zivela, kwakulukhula oluningi.

<sup>123</sup> Kwase ke kufika isomiso esikhulu emhlabathini, nokolo wawulengise ikhanda lawo, usuzobhubha nje, ufuna amanzi. Futhi ngibone bonke abantu nezandla zabo ziphakeme, bakhulekela ukuba uNkulunkulu athumele amanzi. Futhi ngase ngibona ukhula, lwalubhekise ikhanda lwalo phansi, lukhothamela amanzi. Futhi nje ngayo leyonkathi amafu amakhulu aqhamuka nemvula yavele yaphophoza. Futhi isiphophozile, ukolo omncane wonke owawusugobile wahamba, “Hwish,” wama mpo. Nokhula oluncane eceleni kwawo impela lwahamba, “Hwish,” lwama mpo.

Ngacabanga, “Awu, yini leyo na?”

<sup>124</sup> Khona Kwase kufika kimi. Nakho. Imvula efanayo eyenza ukolo umile, yenza ukhula lumile. Futhi uMoya oNgcwele ofanayo ungehlela esixukwini sabantu, futhi ungabusisa

umzenzisi nje ngokufanayo nokuba Ubusisa omunye. UJesu wathi, “Ngezithelo zabo niyakubazi.” Kungayi ngokuthi uyahlokoma, noma uyathokoza, kodwa “kungezithelo zakhe oyomazi ngazo.”

<sup>125</sup> Ngathi, “Ulapho ke!” “Ngikutholile, Nkosi.” Ngathi, “Khona ke lokho kuliQiniso impela.” Lendoda... Ubungaba neziphiwo ngaphandle kokwazi uNkulunkulu.

<sup>126</sup> Ngakho ke nga—ke ngase ngikusola kakhulu ukukhuluma ngezilimi, uyabo. Kepha ngolunye usuku, ngaleyonkathi, uNkulunkulu wakuqinisekisa kanje lokho kimi!

<sup>127</sup> Ngangibhaphathiza ezansi emfuleni, amakholwa ami okuqala, eMfuleni iOhio, nomuntu weshumi nesikhombisa engangimbhaphathiza, sengiqala ukubhaphathiza, ngase ngithi, “Baba, ngisambhaphathiza ngamanzi, Mbhaphathize ngoMoya oNgcwele.” Ngaqala uku—ukumbeka phansi kwamanzi.

<sup>128</sup> Futhi nje ngaleyonkathi ukuvunguza okuvela emazulwini phezulu, futhi nakhu sekufika lokho kuKhanya, kukhanyisa phansi. Amakhulu ngamakhulu abantu onqenqemeni, ngalo elesibili nqo ntambama, ngoNtulikazi. Futhi Kwalengela phezu kwalapho engangikhona impela. IPhimbo lakhuluma livela lapho, lase lithi, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukuba ngumanduleli wokufika kokuqala kukaKristu, uno... noMlayezo oyoletsa ukwandulela kokuFika kwesiBili kuka Kristu.” Futhi kwangethusa ngacishe ngafa.

<sup>129</sup> Futhi ngabuyela emuva, futhi bonke abantu lapho, a—amadoda asefandolo nabo bonke, umthengisi wemithi yokwelapha, nabo bonke onqenqemeni. Ngase ngibhaphathize cishe amabili noma amathathu amakhulu ngaleyontambama. Futhi ngenkathi bengikhipha, ngidonswa ngikhishwa emanzini, amadikoni nabanye bakhuphuka, bangibuza, bathi, “Bekuchazani lokho kuKhanya na?”

<sup>130</sup> Isixuku esikhulu sabantu bamakhaladi sase—sebandla iGilt Edge Baptist nebandla iLone Star ezansi laphaya, nabaningi balabo wayesezansi laphaya, baqala ukukhamuluka ngenkathi bekubona lokho kwenzeka, abantu baquleka.

<sup>131</sup> Intombazane engayizama ukuba iphume esikebheni laphaya, ihlezi lapho igqoke isudu yokubhukuda, ingumfundisi kaSonto sikole ebandleni, ngase ngithi, “Ubungephume, Margie na?”

Yathi, “Billy, angidingi ukuphuma.”

<sup>132</sup> Ngathi, “Kunjalo, awudingile, kepha ngingaba nezinhlonipho ezanele ngenxa yeVangeli ukuphuma lapho ngibhaphathiza khona.”

Yathi, “Angidingi.”

<sup>133</sup> Futhi ngenkathi ihlezi lapho igigitheka futhi ingihleka ngibhaphathiza, ngoba yayingakholelwa ekubhaphathizeni,

ngakho-ke lapho iNgelosi yeNkosi yehla yaphonseleka phambili ngesikebhe. Namuhla intombazane ilapho kugcinwa khona izinhlanga. Ngakho nje ungeke udlale ngoNkulunkulu. Uyabo? Manje, kamuva...Intombazane enhle, kamuva yahamba yayophuza, yashaywa ngebhodlela, lo—ibhodlela lotshwala, bonke ubuso bayo basikeka khixi. O, yaba ngumuntu obukeka kabi! Futhi lokho kwenzeka lapho.

<sup>134</sup> Futhi-ke kusukela konke phansi empilweni bengiyilokhu ngikubona lokho, ngikubone lokho kuqhubeka, ngibona leyomibono, ukuthi lezozinto ziyokwenzeka kanjani. Kwase, emva kwesikhashana, Kwahlala kungihlupha kakhulu impela, nawo wonke umuntu engitshela ukuthi Kwakuyiphutha. Futhi ngaphikelela ezindleni zami ezindala zomgqigqo, phezu lapho njalo engangikhuleka khona ngiqede. Futhi ngangi...Noma ngabe ngangihlala ngikhuleka kangakanani ukuba loKho kungezi kimi, Kuyafika noma kanjani. Futhi ngakho ngangi vele...nga—ngangingumqaphi wezinyamazane esiFundazweni sase Indiana. Futhi ngingena, kwakukhona indoda ihlezi lapho, umfowabo womshayi-piyano wami etabernakele. Futhi wathi, “Billy, ungagibela uye phezu eMadison kanye nami kulentambama na?”

Ngathi, “Ngeke ngakwenza, ngimele ukuya phezu ehlathini.”

<sup>135</sup> Futhi ngiyo...ngifika nje ngijikela endlini futhi ngikhumula ibhande lami, ibhande lesibhamu nezinto, futhi ngifinqa imikhono yami. Sasihlala endlwaneni engamakamelo amabili, futhi ngangizowasha bese ngilungela ukudla kwami. Futhi ngase ngiwashile, futhi ngihamba nje ngijikela ecaleni lendlu, phansi kwe—kwesihlahla esikhulu somaphula, futhi khona manjalo nje iNto ethize yahamba, “Whuuush!” Futhi khona ngacishe ngedlula. Futhi ngabuka, futhi ngazi ukuthi kwakuyiloKho futhi.

<sup>136</sup> Ngahlala kulezozitebhesi, futhi wagxuma waphuma emotweni yakhe wayesegijimela kimi, wathi, “Billy, uyaquleka na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

Wathi, “Kwenzenjani, Billy na?”

<sup>137</sup> Futhi ngathi, “Angazi.” Ngathi, “Vele uqhubeke, mfowethu, lokho kulungile. Ngiyabonga.”

<sup>138</sup> Umkami uyaphuma wayeseletha ujeke wamanzi, wathi, “S’thandwa, kwenzenjani na?”

Ngathi, “Ak’lutho, mntakwethu.”

<sup>139</sup> Ngakho wathi, “Woza manje, ukudla kwasemini sekulungile,” wayesengigaxa, wazama ukungingenisa.

<sup>140</sup> Ngathi, “S’thandwa, ngi—ngifuna ukukutshela eny’into.” Ngathi, “Babizele enhla futhi ubatshela ngeke ngibe phandle

laphaya kulentambama.” Ngathi, “Meda, mntakwethu,” Ngathi, “Ngiyazi enhliziyweni yami ngiyamthanda uJesu Kristu. Ngiyazi ukuthi ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni. Kepha angifuni ukuba udeveli enze noma yini kimi.” Futhi ngathi, “Angikwazi ukuqhubeka kanje, ngiyisiboshwa.” Ngathi, “Sonke isikhathi, uma lento iqhubeka yenzeka, izinto ezinjalo, nalemibono ifika, nokunye okunjalo. Kumbe, noma ngabe kuyini,” ngathi, “kwenzeka kimi.” Angazanga ukuthi kwakungumbono. Angikubizanga ngombono. Ngathi, “Lokho okungathi iziyezi,” ngathi, “Angazi ukuthi lokho yini. Futhi, s’thandwa, a—a—a—angifuni ukuluthwa yikho, ba—bangitshela ukuthi ngudeveli. Futhi ngiyayithanda iNkosi uJesu.”

<sup>141</sup> “O,” wathi, “Billy, akufanele ulalele ukuthi abantu bakutshela ukuthini.”

<sup>142</sup> Ngathi, “Kodwa, s’thandwa, buka kwabanye abashumayeli.” Ngathi, “A—angikufuni.” Ngathi, “Ngiya endaweni yami emahlathini. Nginamadola cishe alishumi nanhlanu, unakekele uBilly.” UBilly wayesengumfana omncanyana ngalesosikhathi, isikhundlwanyana somfana. Ngathi, “U—uthathe... Lokho kwanele wena noBilly ukuba niphile ngakho, okwesikhashana. Babizele enhla futhi ubatshele ngiyo—ngiyobuya mhlawumbe kusasa, futhi ngingephinde ngibuye. Uma ngingabuyi ezinsukwini ezinhlanu ezizayo, beka indoda endaweni yami.” Futhi ngathi, “Meda, angisoze ngaphuma kulawomahlathi aze uNkulunkulu angethembise Uyosusa leyonto kimi futhi angayivumeli neze iphinde yenzeke futhi.” Cabanga ngokungazi umuntu angaba yikho!

<sup>143</sup> Futhi ngenyukela lapho ngalobo busuku. Ngabuyela emuva endlwaneni encane endala yezingodo, kungakabi lusuku olulandelayo; kwase kuthi ukuhlwa. Ngangizonyukela ekhempini yami ngosuku olulandelayo, phezulu e... ngaphambidlana ngokuzungeza intaba, kumbe ngiqonde, ukuthi igquma, futhi ngikhuphukele emahlathini laphaya. Angikholwa ukuthi iF.B.I ibingangithola phezulu laphaya. Ngakho lendlwana encane endala yezingodo... Ngangikade ngikhuleka yonke leyontambama nangaphambi kokuba kubemnyama kakhulu. Ngangikhuleka, ngangifunda ngale eBhayibheli lapho Kwathi, “UMoya wabaprofethi uthobela umprofethi.” Angikwazanga ukwenza lokho. Ngakho kwabamnyama kakhulu endlwaneni encane endala yezingodo.

<sup>144</sup> Lapho engangivamise ukucupha khona ngenkathi ngisengumfana, nginodobo lokucupha luchusha lapho futhi ngenyukele lapho futhi ngidobe futhi ngihlale ubusuku bonke. Indlwana encane nje endala yezingodo engamafukufuku ihlezi laphaya, ibiyilokhu ilapho iminyaka. Umqashi othile mhlawumbe wayenayo ingakafiki ekubeni njalo yonke.

<sup>145</sup> Futhi ngakho a—ngangilindile nje lapho. Futhi ngacabanga, “Awu.” Sekuya kwelokukuqala nqo, elesibili nqo, ngelesithathu nqo ekuseni, ngangihamba ngehla ngenyuka phansi, ngihamba ngihlehle ngiye phambili. Ngihlala phansi esitulwaneni esidala lapho, esincane... kungesiso isitulo, ibhokisana elidala lento. Futhi ngahlala phansi lapho, futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, Ukwenzelani lokhu kimi na?” Ngathi, “Baba, Uyazi ngiyaKuthanda. Uyazi ukuthi ngiyaKuthanda! Futhi a—a—angifuni ukungenwa ngudeveli. Angizifuni lezozinto ukuba zenzeke kimi. Ngiyakuncenga Nkulunkulu, ungaphinde ukuvumele kwenzeke futhi.”

<sup>146</sup> Ngathi, “Ngi—ngiyaKuthanda. Angifuni ukuya esihogweni. Kusizani kimi ukushumayela nokuzama, nokubeka imizamo yami phambili, uma nginephutha na? Futhi angizisi mina luqobo kuphela esihogweni, ngidukisa izinkulungwane zabanye.” Noma, amakhulu abanye, ngezinsuku zabo. Futhi ngathi... Nganginenkonzo enkulu. Futhi ngathi, “Awu, a—angifuni neze kuphinde kwenzeke kimi futhi.”

<sup>147</sup> Futhi ngahlala phansi kulesi situlo esincane. Futhi mina nje ngihleli, o, ngokuthi ukuma kanje, *kanjalo* nje. Futhi, khona manjalo, ngibone ukuKhanya kulokoza endlini. Futhi ngacabanga ukuthi umuntu-mumbe wayenyuka nelambu elithi nyampu. Futhi ngaqalaza, futhi ngacabanga, “Awu...” Futhi nakhu lapha Kwakukhona, phandle phambi kwami ngqo. Namabhodi okhuni amadala phansi. Futhi Kwakulapho, phambi kwami ngqo. Yisitofu esiyidilamu elidala esincane sihlezi ekhoneni, okwaphezulu kwasekuhlephukile kuso. Na—naphakathi khona *lapha* kwakukhona u—ukuKhanya phansi, futhi ngacabanga, “Awu, kuphi lokho na? Awu, lokho ngeke kwavela...”

<sup>148</sup> Ngaqalaza. Futhi Kwakulapha phezu kwami, khona impela *lokhu*—kuKhanya okufanayo, khona laphaya phezu kwami, kulenga *kanjalo* ngqo. Kujikeleza ngokuzungeza njengomlilo, kuthi akube luhlaza ngombala, kuhamba, “Whuush, whuush, whuush!” *kanjalo*, ngaphezu kwaKho nje, *kanjalo*. Futhi ngakubuka Lokho. Ngacabanga, “Yini leYo na?” Manje, Kwangethusa.

<sup>149</sup> Ngezwa umuntu-mumbe eza, [UMfowethu Branham ulingisa umuntu ehamba—Umhl.] ehamba nje, kuphela, kwakungagqoke-zicathulo. Futhi ngibone unyawo loMuntu lungena. Kwakumnyama endlini, yonke indawo kuphela khona lapha okwaKukhanya khona phansi ngqo. Futhi ngibone unyawo loMuntu lungena. Futhi Esengena endlini, wenyuka, WayenguMuntu cishe... owayebukeka esinda cishe amaphawondi angamakhulu amabili. Izandla zaKhe wayezisonge *kanje*. Manje, ngangikubonile esiKhwishikazaneni somoya, ngangikuzwile kukhuluma kimi, futhi ngaKubona esimweni sokuKhanya, kepha yisikhathi sokuqala ukuba ngize

ngibone umfanekiso waKho. Kwenyukela kimi, kwasondela impela.

<sup>150</sup> Awu, bangani abaqotho, nga—ngacabanga ukuthi inhliziyo yami yayizoma. Nga...Ake ucabange nje! Uzibeke wena luqobo lapho, Kwakuyokwenza uzwe ngendlela efanayo. Mhlawumbe uphambidlana eceleni komgwaqo kunami, mhlawumbe ubungumKristu osenesikhathi esidanyana, kepha Kwakuyokwenza uzwe ngaleyondlela. Imbangela emva kwamakhulu namakhulu ezikhathi zokuvakashelwa, kungiqeda amandla uma Esondela. Kwezinye izikhathi Kungenza ngisho...Impela ngicishe ngiphele, ngibebuthakathaka kakhulu nje uma ngisuka emsamo izikhathi eziningi. Uma ngihlala isikhathi eside kakhulu, ngiyohamba sengiphelile nya. Bake bangigibelisa ngathi ukuhambahamba amahora, ngingazi ngisho nokuthi ngangikuphi. Futhi ngingekuchaze. Funda wehle lapha eBhayibhelini, futhi KuyoKuchaza, ukuthi kuyini. UmBhalo usho njalo!

<sup>151</sup> Ngakho ngangihlezi lapho futhi ngiMbuka. Ngi—ngangithe ukusiphakamisa *kanjalo* isandla sami. Wayengibuka ngqo, ngokuthokozisayo impela nje. Kepha wayenePhimbo elijule ngempela, Wayesethi, “Ungesabi, ngithunywe ngivela ebuKhoneni bukaNkulunkulu uMninimandla onke.” Futhi ngenkathi Ekhluluma, leloPhimbo, lelo kwakuliPhimbo elifanayo elakhuluma kimi ngenkathi ngiseneminyaka emibili ubudala, kukhuphuke njalo. Ngazi ukuthi lowo kwakunguYe. Futhi ngacabanga, “Manje...”

<sup>152</sup> Futhi kuzwe. Manje lalela engxoxweni. Ngizoyicaphuna ngokwedlula konke engingakwenza, ngokwazi, izwi ngezwi, ngoba bengingekhumbule kalula.

<sup>153</sup> Wa...Ngathi...NgaMbuka *kanjalo*. Wathi, “Ungesabi,” ngokuthula nje impela, wathi, “Ngithunywe ngivela ebuKhoneni buka Nkulunkulu uMninimandla onke, ukukutshela ukuthi ukuzalwa kwakho okungajwayelekile...” Njengoba nazi ukuthi ukuzalwa kwami kwakunjani phezulu laphaya. Lokho—kuKhanya okufanayo okwalenga phezulu kwami mhla ngiqala ukuzalwa. Futhi ngakho Wathi, “Ukuzalwa kwakho okungajwayelekile nempilo engaqondakali bekungukubonakalisa ukuthi uzokuya kulo lonke izwe futhi ukhulekele abantu abagulayo.” Futhi wathi, “Futhi kungakhathalekile ukuthi banani...” Futhi Wayesekhetha. UNkulunkulu, OnguMahluleli wami, uyazi. Lokho, Wakhetha “umdlavuza.” Wathi, “Akukho lutho...Uma uthola abantu ukuba bakukholwe, futhi ubeqotho uma ukhuleka, akukho lutho oluyoma phambi kwemikhuleko yakho, neke ngisho umdlavuza.” Uyabo, “Uma uthola abantu ukuba bakukholwe.”

<sup>154</sup> Futhi ngabona Wayengesona isitha sami, WayenguMngane wami. Futhi ngangingazi noma—noma ngangifa noma



kwakwenzekani ngenkathi Enyukela kimina kanjalo. Futhi ngathi, “Awu, Mnumzane,” ngathi, “Ngi...” Yini engangiyazi ngokuphulukisa nezinto ezinjalo, lezoziphiwo na? Ngathi, “Awu, Mnumzane, ngi...ngi—ngingumuntu ompofu.” Futhi ngathi, “Ngiphakathi kwabantu bakithi. Ngi—ngihlala nabantu bakithi ompofu. Angifundile.” Futhi ngathi, “Futhi ngi—ngi—ngingeke ngakwazi, abayiku—abayikungiqonda.” Ngathi, “Ba—bangeke ba—bangeke bangizwe.”

<sup>155</sup> Futhi Wathi, “Njengomprofethi uMose wanikezwa iziphiwo ezimbili, izibonakaliso,” njalo, “ukuqinisekisa inkonzo yakhe, ngakho uyonikezwa ezimbili—ngakho unikezwa iziphiwo ezimbili ukuqinisekisa inkonzo yakho.” Wathi, “Esinye sazo siyoba ukuthi uyobamba umuntu omkhulekelayo ngesandla, ngesandla sakho sokunxele nesabo sokudla,” wayesethi, “bese uyama nje uthule, futhi siyobane...kuyoba nokwenzeka ngokomzimba okuyokwenzeka emzimbeni wakho.” Wayesethi, “Bese uyakhuleka. Futhi uma kusuka, isifo sisukile kubantu. Uma kungasuki, vele ucele isibusiso bese usuka uhambe.”

“Awu,” ngathi, “Mnumzane, ngiyesaba ngeke bangemukele.”

<sup>156</sup> Wathi, “Nento elandelayo kuyoba, ukuthi uma bengayikuzwa lokho, khona-ke bayokuzwa lokhu.” Wathi, “Khona-ke kuyokwenzeka ukuthi uyokwazi imfihlo yenhliziyoyabo impela.” Wathi, “Lokhu bayokuzwa.”

<sup>157</sup> “Awu,” ngathi, “Mnumzane, kungakho ngilapha kulobubusuku. Ngitshelwe ngabefundisi bami ukuthi lezozinto ebifika kimi ibingalungile.”

<sup>158</sup> Wathi, “Wazalwa kulelizwe ngaleyonhloso.” (Uyabo, “izipho nokubiza ngaphandle kokuphenduka.”) Wathi, “Wazalwa kulelizwe ngaleyonhloso.”

<sup>159</sup> Futhi ngathi, “Awu, Mnumzane,” ngathi, “lokho, abefundisi bami abangitshela khona, ukuthi kwakungu—ngumoya omubi.” Futhi ngathi, “Ba...Kungakho ngilapha ngikhuleka.”

<sup>160</sup> Futhi nakhu Angicaphunela khona. Wangiqondanisela nokufika kweNkosi uJesu, esikhathini saKhe sokuqala. Futhi ngathi...

<sup>161</sup> Into eyayingejwayelekile kwaba ngukuthi, bangani... Awu, ngizoma khona lapha okomzuzu nje, ngibuyele emuva. Okwangenza ngethuke kakhulu kunakuqala, ngaso sonke isikhathi nxa ngihlangane nesangoma, bebegonda ukuthi kukhona into eyenzekayo. Futhi lokho kwakuvele...kwacishe kwangibulala.

<sup>162</sup> Njengalokhu, ngolunye usuku abazala bami nami ngangiya ezansi ngedlula e—emagilawundini ezemidlalo, futhi sasisengabafana nje, sihambisana. Ngakho kwakukhona isangoma esincane esidala sihlezi ngaphandle laphaya kwelinye lalawo mathende, intombi esencane, intombi esencane ebukeka

kahle, yayihlezi lapho. Futhi sonke sasihamba, sedlula. Yathi, “Awusho, wena, woza lapha umzuzu!” Futhi sobathathu thina bafana saphenduka. Yayisithi, “Wena wejezi elimthende.” Lowo kwakuyimi.

<sup>163</sup> Futhi ngathi, “Yebo, mem?” Ngacabanga ukuthi mhlawumbe wayefuna ngihambe ngiyomthengela ikhokhakhola, kumbe into enye enjengaleyo. Futhi yayingo—ngowesifazane osemncane, mhlawumbe oselapha emashumini amabili, noma okunye, ehlezi lapho. Futhi ngenyuka, ngathi, “Yebo, mem, ngingakwenzela-ni na?”

<sup>164</sup> Wayesethi, “Awusho, ubuwazi ukuthi kukhona u—ukuKhanya okukulandelayo na? Wazalwa ngaphansi kwesibonakaliso esithize.”

Ngathi, “Usho ukuthini na?”

<sup>165</sup> Wathi, “Awu, wazalwa phansi kwesibonakaliso esithize. Kukhona ukuKhanya okukulandelayo. Wazalelwa ubizo lukaNkulunkulu.”

Ngathi, “Suka lapha, sifazane!”

<sup>166</sup> Ngaqala ngaqhubeka, ngoba umama wami njalo wayengitshela ukuthi lezozinto kwakungokukadeveli. Wayeqinisile. Ngakho nga . . . Lokho kwangethusa.

<sup>167</sup> Futhi ngelinye ilanga ngisengumqaphi wezinyamazane, ngangenyuka ngebhasi. Futhi ngangena ebhasini. Kwakubonakala njalo sengathi ngiyayithobela imimoya. Ngangimi lapho, nalelitosi lalimi emva kwami. Futhi ngangenyukela ukuyoqapha, futhi ngangenyukela eHlathini iHenryville, ngangisebhasini. Ngangiyilokhu ngizwa enye into ethize engejwayelekile. Ngaqalaza lapho, futhi kwakukhona o—omkhulukazi owesifazane ozimukile ehlezi laphaya, egqoke kahle. Wathi, “Unjani na?”

Ngathi, “Unjani!”

<sup>168</sup> Ngacabanga ukuthi kwakungowesifazane nje, uyazi, ekhuluma, ngakho ngagcina . . . Wathi, “Ngithanda ukukhuluma nawe umzuzu.”

Ngathi, “Yebo, mem?” Ngaguquka.

Wathi, “Ubuwazi ukuthi wazalelwa phansi kwesibonakaliso na?”

<sup>169</sup> Ngacabanga, “Omunye wabo abesifazane abaxakile.” Ngakho ngavele ngabuka phandle. Futhi nje angizange ngithi vu, ngavele ngagcina . . .

<sup>170</sup> Wathi, “Ngingakhuluma nawe umzuzu na?” Futhi ngavele ngagcina . . . Wathi, “Musa ukuziphatha kanjalo.”

<sup>171</sup> Ngavele ngazibukela phambili. Ngacabanga, “Lokho akusibona ubudoda.”

Wathi, “Ngithanda ukukhuluma nawe okwesikhashana nje.”

<sup>172</sup> Ngavele ngangiyilokhu ngizibukele phambili, futhi kangamnaka. Emva kwesikhashana ngacabanga, “Ngiyakholwa ngizobona uma esho njengabo bonke abanye.” Ngaphenduka, ngacabanga, “O, hhe! Lokho kuzongithuthumelisa, ngiyazi.” Isizathu ngangikuzonda ukucabanga lokho. Ngaphenduka.

<sup>173</sup> Wathi, “Mhlawumbe kungcono ngizichaze uqobo lwami.” Wathi, “Ngingusonkanyezi.”

Ngathi, “Ngicabangile ukuthi ubuyinto enjalo.”

<sup>174</sup> Wathi, “Ngilibangise eChicago ukuyobona umfana wami ongumfundisi wamaBaptisti.”

Ngathi, “Yebo, mem.”

<sup>175</sup> Wathi, “Ukhona umuntu osewake wakutshela ukuthi wazalwa ngaphansi kwesibonakaliso.”

<sup>176</sup> Ngathi, “Qhabo, mem.” Ngaqamba amanga kuye lapho, uyabo, futhi ngathi. . . ngifuna nje ukubona ukuthi wayezothini. Futhi wathi. . . Ngathi, “Qha, mem.”

Wayesethi, “Akukho. . . Akaze bakutshela nabefundisi na?”

Ngathi, “Anginamsebenzi nabefundisi.”

Wayesethi, “Ehhe.”

Futhi ngathi. . . wa—wathi kimi. . . Ngathi, “Awu. . .”

<sup>177</sup> Wathi, “Uma ngikutshela nje ngqo ukuthi wazalwa nini, uzongikhulwa na?”

Ngathi, “Qha, mem.”

Wayesethi, “Awu, ngingakutshela ukuthi wazalwa nini.”

Ngathi, “Angikukholwa.”

<sup>178</sup> Wayesethi, “Wazalwa ngoAprili ziyi 6, ngo 1909, ngelesihlanu nqo ekuseni.”

<sup>179</sup> Ngathi, “Uqinisile.” Ngathi, “Ukwazi kanjani lokho na?” Ngathi, “Tshela lelitilosi lapha ukuthi lazalwa nini.”

Wathi, “Ngeke.”

Ngase ngathi, “Kungani na? Wazi kanjani na?”

<sup>180</sup> Wathi, “Buka, mnumzane.” Wathi, lapho eqala ukukhuluma ngalesisifundo sezinkanyezi manje, wayesethi, “Yonke iminyaka engaka. . .” Wathi, “Uyakhumbula ngenkathi inkanyezi yokusa ifika, eyaholela izazi kuJesu Kristu na?”

<sup>181</sup> Futhi ngasimze ngema nje, uyazi, ngathi, “Awu, angazi lutho ngenkolo.”

<sup>182</sup> Wayesethi, “Awu, uzwile ngezazi ziza ukubona uJesu.”

Ngathi, “Yebo.”

Wayesethi, “Awu, kwakuyini isazi na?”

“O,” ngathi, “zaziyizazi nje, yilokho engikwaziyo.”

<sup>183</sup> Wathi, “Awu, yini isazi na?” Wathi, “Yinto efanayo nengiyikho, usonkanyezi, ‘umgqolozeli wenkanyezi’ bababiza kanjalo.” Wayesethi, “Uyazi, ngaphambi kokuba uNkulunkulu enze noma yini e—emhlabeni, njalo Ukumemezela ezulwini, bese-ke kuba semhlabeni.”

Futhi ngathi, “Angazi.”

<sup>184</sup> Wayesethi, “Awu...” Wabiza ezimbili noma ezintathu, ezimbili... izinkanyezi ezintathu, njengoMars, uJupiter, noVenus. Kwakungesizo, kepha wathi, “Zanqamula izindlela zazo zase zihlangana ndawonye futhi zenza...” Wathi, “Kwakukhona izazi ezintathu eziza ukuzohlangana neNkosi uJesu, futhi esinye sasingowozalo lukaHamu, nesinye sikaShemu, nesinye sikaJafethe.” Futhi wathi, “Ngenkathi zihlangana ndawonye eBethlehema, izinkanyezi ezintathu ezazivela kuzo... wonke umuntu emhlabeni,” wathi, “ziphathelele nezinkanyezi.” Wathi, “Buza leltilosi lapho uma inyanga ifiphala nonozungezilanga wasezulwini efiphala, ukubuyisa nokuhlehla kolwandle akuhambi nakho, bese kungena.”

Ngathi, “Angidingi ukumbuza lokho, ngiyakwazi lokho.”

<sup>185</sup> Wayesethi, “Awu, ukuzalwa kwakho kuphethelele nezinkanyezi phezulu laphaya.”

Futhi ngathi, “Awu, lokho angikwazi.”

<sup>186</sup> Wayesethi, “Manje, lezizazi ezintathu zafika.” Wayesethi, “Ngenkathi zona izinkanyezi ezintathu, ngenkathi zi... Ziqhamuka ezindaweni ezahlukeneyo futhi zahlangana eBethlehema. Futhi zathi zathola zase zixoxisana, nomunye wayengowozalo lukaHamu, Shemu, noJafethe, amadodana amathathu kaNowa.” Wayesethi, “Zase zifika futhi zakhonza iNkosi uJesu Kristu.” Wayesethi, “Ngenkathi zisuka,” wathi, “zaletha izipho zase zizibeka kuYe.”

<sup>187</sup> Futhi wathi, “UJesu Kristu washo enkonzweni yaKhe ukuthi uma leliVangeli selishunyayeliwe emhlabeni wonke (abantu bakaHamu, uShemu, nabakaJafethe), khona Uyakufika futhi.” Futhi wathi, “Manje, labo-nozungezilanga, onozungezilanga basezulwini, njengoba bezungeza...” Wathi, “Behlukana. Kakaze babesemhlabeni kusukela, ekwaziweni. Kepha” wathi “kuyoyonke iminyaka eminingi kangaka elikhulu, banqamula izimbungu zabo kanje.” Uma lapho kwenzeka kuba nesazi sezinkanyezi lapha, ungakwazi ukuthi wabe ekhuluma ngani, angazi. Ngakho lapho ekhuluma... Wathi, “Zinqamula kanjalo.” Wayesethi, “Esikhumbuzweni seSipho esikhulu kunazo zonke esake sanikezwa isintu, kungenkathi uNkulunkulu enikela iNdodana yaKhe. Ngenkathi labo-nozungezilanga bephambana bona uqobo futhi, kungani,” wathi, “Uthumela esinye isipho emhlabeni.” Wayesethi,

“Wazalwa ekuphambaneni kwalesosikhathi.” Wayesethi, “Kungalesosizathu ngakwazi.”

<sup>188</sup> Awu, ngase ngithi, “Ntombi, indawo yokuqala, angikholwa yilutho ngakho. Angiyena owenkolo, futhi angifuni kuzwa lutho olunye ngakho!” Ngasuka ngahamba. Futhi ngakho ngamqamula kahle kafushane kanjalo. Ngakho ngahamba ngaphuma.

<sup>189</sup> Futhi sonke isikhathi noma yini... Ngihlangana nomunye wabo, kuyoba ngaleyondlela. Futhi ngacabanga, “Yini labodeveli benze lokho na?”

<sup>190</sup> Bese kuthi abashumayeli, bethi, “Lokho ngudeveli! Lokho ngu develi!” Bangenza ngakukholwa.

<sup>191</sup> Futhi-ke ngalobo busuku phezulu laphaya ngenkathi ngi... ngenkathi Ebhekisa kulokho, ngaMbuza, ngathi, “Awu, kwenziwa yini bonke labo abanamathongo nezinto ezinjalo, nalabobantu abakhwelwe amademoni, abahlale bengitshela ngaKho; nomfundisi ukuthi, abazalwane bami, bangitshela ukuthi kungokomoya omubi na?”

<sup>192</sup> Manje lalalani ukuthi Wathini, Lona Olenga laphaya esithombeni. Wathi, “Njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje.” Futhi Uqala ukungikhomba, ukuthi, “Ngenkathi inkonzo yeNkosi yethu uJesu Kristu iqala ukusebenza, abefundisi bathi, ‘WayenguBelzabube, udeveli’; kepha amademoni athi, ‘WayeyiNdodana kaNkulunkulu, ONgcwele kalsrayeli.’ Amademoni... Futhi buka kuPawulu noBarnabase ngenkathi besenhla laphaya beshumayela. Abefundisi bathi, ‘Lamadoda agumbuqela izwe. Mabi, angu-angudeveli.’ Nesanuse esincane esidala phandle emgwaqeni, saqonda ukuthi uPawulu noBarnabase kwakungamadoda kaNkulunkulu, sathi, ‘Bangamadoda kaNkulunkulu asitshela indlela yokuPhila.’” Kunjalo na? “Abanemimoya yabangasekho, nababhuli, abantu abakhwelwe ngamademoni.”

<sup>193</sup> Kepha sishelelela kakhulu phansi esayenseni yezenkolo size singabe sisazi lutho ngoMoya. Ngiyethemba niyangithanda emva kwalokhu. Kepha yilokho okuyikho. Ngiquonde iPentekoste, futhi! Kunjalo. Ukukhamuluka nokusina nje uzungeza akusho ukuthi wazi noma yini ngoMoya.

<sup>194</sup> Kungukuxhumana komuntu qobo lwakhe, ubuso nobuso, yilokho okudingayo. Yileyonhlobo yeBandla uNkulunkulu alungiselela ukuyivusa, kunjalo, uma behlangana ndawonye ebunyeni nasemandleni, eMoyeni.

<sup>195</sup> Futhi Wabhekisa kulokho. Futhi Wangitshela ukuthi inkonzo ayiKuqondanga kanjani, futhi wangiinqinisekisa ukuthi inkonzo yayingaKuqondanga. Futhi lapho Esengitshela konke ngalokhu nokuthi uJesu wa... .

<sup>196</sup> Ngathi, “Awu, pho ngalokhu, lezizinto ezenzeka kimi na?”

<sup>197</sup> Futhi, uyabo, Wathi, “Lokho kuyophindaphinda futhi kuye ngokuba kukhulu kukhulu.” Futhi Wangikhomba, engitshela ukuthi uJesu wakwenza kanjani; ukuthi Ufika kanjani futhi Wayengenwe aMandla ayazi izinto ngaphambili futhi utshela nabesifazane emthonjeni, akazishongo ukuba ungumphulukisi, washo ukuba wenza lezozinto njengoba nje uBaba aMkhombisa.

Ngathi, “Awu, kuyobanhloboni yomoya leyo na?”

Wathi, “KwakunguMoya oNgcwele.”

<sup>198</sup> Khona-ke kwenzeka into ethile lapho ngaphakathi kimi, ukuthi ngaqonda ukuthi yona impela into engiyifulathelile yayiyilokhu uNkulunkulu angilethele khona lapha. Futhi ngaqonda ukuthi kwakunjengalabo baFarisi ezinsukwini ezadlulayo, babehumushe umBhalo ngokungesikho kimi. Ngakho kusuka ngaleyonkathi kuqhubeke ngathatha isichasiselo sami uqobo saKho, okwashiwo nguMoya oNgcwele.

NgaMtshela, “Ngiyohamba.”

Wathi, “Ngiyoba nawe.”

<sup>199</sup> NeNgelosi yathatha amanyathelo ingena ekuKhanyeni futhi okuqala ukufika kuzungeze kuzungeze, kuzungeze kuzungeze, kuzungeze izinyawo zaYo kanjalo, yenyuka yangena ekuKhanyeni futhi yaphuma endlini.

Ngaya ekhaya ngingumuntu omusha.

<sup>200</sup> Ngedlulela ebandleni ngase ngibatshela abantu ngakho. I. . . kwakungeSonto ebusuku.

<sup>201</sup> Futhi ngolwesiThathu ebusuku baletha owesifazane lapho, omunye wabahlengikazi baseMayo efa ngumdlavuzi, kungasekho lutho kodwa isithunzi. Ngenkathi ngehlela ukumbamba, nakho kufika umbono ngaphambili, kukhonjiswa esebuyele ebuhlengikazini futhi. Futhi usohlwini eLouisville, “ubefile iminyaka.” Nango useJeffersonville manje, uyahlenga, ubehlenga iminyaka. Ngokuba, ngabuka phezulu laphaya, futhi ngawubona lowombono. Ngaphenduka, ngingazi nhlobo ukuthi ngangenzani, ngimi lapho, ngathuthumela ngenkathi beqala ukuletha lesosiguli base besibeka phansi laphaya. Nabahlengikazi nezinto bemi bemzungezile, naye elele laphaya, nobuso bakhe bonke sebuzigobhe namehlo akhe eshone phakathi.

<sup>202</sup> UMargie Morgan. Uma ufuna ukumbhalela, lokho kuse 411 Knobloch Avenue, eJeffersonville, eIndiana. Noma bhalela esiBhedlela eClark County, eJeffersonville, eIndiana. Uthi akukunike u—ubufakazi.

<sup>203</sup> Ngabuka phansi laphaya. Nalesosiguli sokuqala laphaya, ukusibona lapha siphuma, nakho kufika umbono. Ngimbone lowo wesifazane ehlenga futhi, ehamba-hamba, ekahle enamandla futhi ephilile. Ngathi, “ISHO KANJE INKOSI, ‘Uzophilala futhi ngeke ufe!’”

204 Indoda yakhe, indoda ephakeme impela ezintweni zalezizwe, yangibuka *kanjalo*. Ngathi, “Mnumzane, ungesabi! Umkakho uzophila.”

205 Wangibizela phandle, wathi...wabiza odokotela ababili noma abathathu, wathi, “Uyabazi na?”

Ngathi, “Yebo.”

206 “Kungangani,” ngathi, “Ngidlale igalofu naye. Wathi, ‘Umdlavuzo wawusongolozele amathumbu akhe, ngeke umgeze ngisho nangochatho kuphume.’”

207 Ngathi, “Angikhathali ukuthi unani! Into ethize phansi lapha, ngibone umbono! NaleyoNdoda engitshelile, yathi, noma ngabe yini engiyibonile, ukuba ngiyisho futhi iyoba njalo. Futhi Ungitshelile futhi ngiyakukholwa.”

208 Dumisani uNkulunkulu! Izinsuku ezimbalwa kusukela ngaleyonkathi wayenza iwashingi yakhe, ehamba-hamba. Usinda cishe amaphawondi alikhulu namashumi ayisithupha nanhlanu manje, uphile saka.

209 Kwathi-ke ngenkathi sengemukele, kwabhebhetheka. Khona uRobert Daugherty wangibiza. Nalapha kwahamba, phandle kwehlela eTexas, umhlaba wonke.

210 Futhi ngobunye ubusuku, cishe eziqubini ezine noma ezinhlanu phandle...Ngangingakuqondi ukukhuluma ngezilimi nokunjalo. Ngangikholelwa obhaphathizweni lukaMoya oNgcwele, ngikholelwa ekutheni abantu bangakhuluma ngezilimi. Futhi ngobunye ubusuku ngenkathi ngiphumela laphaya e...phakathi eNdlini enkulu yesonto, iSan Antonio, eTexas, ngiphumela laphaya, umfo omncane ehlezi phezulu lapha uqala ukukhuluma ngezilimi njengokudubula kwesibhamu esifishane, kumbe umashin-gani, ngokusheshayo. Emuva le, emuva laphaya, umlisa wasukuma wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI! Indoda eya emsamo iyaphambili nenkonzo eyagcotshwa nguNkulunkulu uMninimandla onke. Futhi njengoJohane umBhaphathizi wathunywa njengomanduleli wokuqala wokufika kukaJesu Kristu, ngakho iphethe uMlayezo oyokwenza ukuBuya kwesiBili kweNkosi uJesu Kristu.”

211 Kuthi mangishone ezicathulweni zami. Ngabheka phezulu, ngathi, “Uyayazi leyondoda na?”

Wathi, “Qha, mnumzane.”

Ngathi, “Uyayazi na?”

Wathi, “Qha, mnumzane.”

Ngathi, “Uyangazi mina?”

Wathi, “Qha, mnumzane.”

Ngathi, “Wenzani lapha?”

212 Wathi, “Ngikufunde ephepheni.” Futhi ngokujwayelekile... Kwakungubusuku bokuqala benkonzo.

Ngabheka ngase ngathi, “Ufike kanjani lapha?”

213 Wathi, “Abanye babantu bami bangitshelile ukuthi ubuzoba ulapha, ‘umphulukisi kaNkulunkulu,’ ngase ngiza.”

Ngathi, “Nonke anazani?”

Wathi, “Qha.”

214 O, he! Lapho ngabona ukuthi wona impela amandla kaMoya oNgcwele...Lapho ngesinye isikhathi emuva laphaya ngangicabange ukuthi kwakuyisiphosiso, futhi ngazi ukuthi ngi...Yona leNgelosi kaNkulunkulu efanayo yayizibandakanye nabo abantu ababenalezozinto. Naphezu kokuba babenenkohliso neningi ingxoviya nomningi umbhedo, kepha phakathi lapho kwakuyindaba ecacile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...UKristu. Futhi ngikubonile lokho ukuthi—kwakuliqiniso.

215 O, iminyaka yedlula, nasezinkonzweni abantu babebona, imibono nokunye.

216 Ngesinye isikhathi umthwebuli-zithombe wa Kubamba esithombeni ngenkathi ngimi phansi ndawondawo eArkansas, ngikholwa yikuthi kwakulapho, enkonzweni ecishe ibenjengale, ihholo elithi alibenjengaleli. Futhi ngangimile, ngizama ukuKuchaza. Abantu babazi, babehlala futhi balalele, amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, nabanye. Kwase kwenzeka ngabuka, kuza emnyango, nakhulu Kuza, kuhamba, “Whuush, whuush!”

217 Ngathi, “Angisezukukhuluma nhlobo, ngoba nakhu Kuza manje.” Futhi Kwenyuka, nabantu baqala ukudazuluka. Kwenyukela lapho engangikhona kwase kuhlala phansi eceleni.

218 Kusahlala phansi nje, umfundisi wagijima wenyuka wayesethi, “Ngithi, ngiyakubona Lokho!” Futhi Kwamshaya waphuphutheka kwa—kwamnyama bhuqe, wabhadazela ebuyela emuva. Ungabona esithombeni sakhe khona laphaya encwadini futhi ukubone lapho ebhadazela ebuyela emuva ikhanda lakhe ligebele phansi kanjalo. Ungasibona isithombe sakhe.

219 Futhi lapho Kwahlala phansi. Umthwebuli wephaphandaba waKubamba ngalesosikhathi nje. Kepha iNkosi yayingakalungiseleli.

220 Futhi ngobunye ubusuku eHouston, eTexas, ngenkathi, o, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabantu... Sasinamakhulu ayisishiyagalombili...izinkulungwane eziyisishiyagalombili ngale kulokhu-enikubiza-ngokuthi, ngale ehholo lomculo, kubuye kubuyele eSam Houston Coliseum enkulu.

221 Futhi lapho kuleyompikiswano kulobubusuku, ngenkathi umshumayeli wamaBaptisti ethi nga “ngingelutho kuphela umzenzisi uqobo nomkhohlisi, umkhohlisi wenkolo, futhi



ofanele ukuxoshwa edolobheni” futhi kufanele kube nguye ozokwenza.

222 UMfowethu Bosworth wathi, “Mfowethu Branham, ungayivumela into efana naleyo yenzeke na? Biza isandla sakhe!”

223 Ngathi, “Qha, mnumzane, angikholelwa ekuqophisaneni. IVangeli alenzelwanga ukuqophisana. Lenzelwe ukuphila.” Futhi ngathi, “Akunandaba noma ngabe umanelisa kanjani, uyohamba ngendlela efanayo vele.” Ngathi, “U... akuyikumenza mahluko. Uma uNkulunkulu engenakukhuluma enhliziyweni yakhe, mina ngingakhuluma kanjani na?”

224 Ngosuku olulandelayo kuyaphuma, wathi, “Kukhombisa ukuthi bakhiwe ngani,” uMlando wase Houston. Uthi, “Kutshengisa ukuthi bakhiwe ngani, bayesaba ukuma ngalokho abakushumayelayo.”

225 UMfowethu omdala uBosworth wenyukela kimi, esethe ukuqhela emashumini akhe ayisikhombisa ngaleyonkathi, umfowethu omdala othandekayo, wangigaxa, wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “usho ukuthi awuzukukuthathela zinyathelo lokho na?”

226 Ngathi, “Qha, Mfowethu Bosworth. Qha, mnumzane. Angizukukuthathela zinyathelo.” Ngathi, “Akwenzi lutho oluhle.” Ngathi, “Kuvele nje kubange ukuqophisana uma sisuka emsamo.” Ngathi, “Ngibambe inkonzo manje, futhi angifuni ukuthola izinto zonke ezimanephunephu kanjalo.” Ngathi, “Vele umyeke aqhubeke nje.” Ngathi, “Yilokho kuphela, uyakhengeza nje.” Ngathi, “Sake sabanabo phambilini, futhi akusizi ukukhuluma kubo.” Ngathi, “Bayovele bahambe nje, bezibambile qobo lwabo.” Ngathi, “Uma bake bamukela ulwazi lweQiniso futhi ngakho-ke ngeke baLemukele, iBhayibheli lathi beqe umugqa ohlukanisayo futhi soze bathethelelwe kulelizwe kumbe ezweni elizayo. BakuBiza ngo ‘develi’ futhi akukho abangakwenza. Bangenwe umoya wenkolo ongudeveli.”

227 Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuliqiniso, ukuthi umoya wedemoni ungowenkolo na? Yebo, mnumzane, kusukela nje esisekelweni sabo sonke. Futhi ngakho, ke, lokho akubangakuhle lapho ngithi “esisekelweni,” kepha lokho liqiniso. “Benesimo sobunkulunkulu kepha bephika aMandla.” Kunjalo. Izibonakaliso nezimangaliso yilokho okuqinisekisa uNkulunkulu, njalo nje. Futhi Wathi kuyobanjalo ezinsukwini zokugcina into efanayo. Futhi qaphela!

228 Omdala uMfowethu Bosworth, ngi... ubezofika nami, futhi ubebukeka ekhathele. Ubuya uvela eJapani nje. Ubezoba lapha. Uzohambela eLubbock nami. Futhi ngakho waye... ubenomkhuhlanyana, omubi, ngakho kaphumelelanga kulena, yena nomkakhe. Ngakho wa... .

229 Kuwo wonke umcabango wayebukeka njengoCaleb. Wama laphaya, wathi, “Awu, Mfowethu Branham,” lokho kubukeka okunesithunzi impela, uyazi, wathi, “ngivumele ngihambe ngikwenze,” wayesethi, “uma ungafuni.”

230 Ngathi, “O Mfowethu Bosworth, a—angifuni ukuba ukwenze. Uzoqophisana.”

Wathi, “Akuyikubakho nelilodwa izwi lokuqophisana.”

231 Manje, ngaphambi nje kokuba ngivale, lalalani kulokhu. Wehlela lapho. Ngathi, “Uma ungayikuqophisana, kulungile.”

Wathi, “Ngithembisa ukuba ngingaqophisani.”

232 Kungathi yizinkulungwane ezingamashumi amathathu abantu ababebuthene kulelohlo ngalobobusuku. UMfowethu Wood, ohlezi ngapha, wayekhona ngalesosikhathi, futhi wayehlezi kulelohlo. Futhi mina . . .

233 Umfana wami wathi, noma . . . Umkami wathi, “Awuzukwehlela kuleyonkonzo na?”

234 Ngathi, “Qha. Ngingeke ngiye ezansi laphaya futhi ngibezwe beqophisana. Qha, mnumzane. Ngingehlele laphaya futhi ngiyilalele.”

Ngenkathi sekufika isikhathi sasebusuku, Into ethize yathi, “Yehlela laphaya.”

235 Ngathola itekisi eqashwayo, umfowethu, nonkosikazi, nabantwana bami, sehlela ezansi. Futhi ngangenyukele kuvulande osesitezi samashumi amathathu, esiphakeme le kanjalo, ngase ngihlala phansi.

236 UMfowethu Bosworth omdala waphumela lapho njengosomaqhingana omdala nje, uyazi. Wayekopishe kokunye kwa . . . wayenezethembiso ezingamakhulu ayisithupha ezechukene zeBhayibheli ezikopishe lapho. Wathi, “Manje, Dokotela Best, uma uzokhuphukela lapha futhi uzothatha esisodwa salezizithembiso bese ukuchitha ngeBhayibheli. Ngasinye salezi izethembiso siseBhayibhelini, ziqondiswe kuJesu Kristu ephulukisa abagulayo kulolusuku. Uma ungathatha esisodwa salezizithembiso futhi, ngeBhayibheli, usiphikise ngeBhayibheli, ngizohlala phansi, ngikuxhawule, ngithi, ‘uqinisile.’”

237 Wathi, “Ngizokubona lokho nxa ngifika phezulu lapho!” Wayefuna okokugcina ukuze ahlikihle kuMfowethu Bosworth, uyabona.

238 Ngakho uMfowethu Bosworth wathi, “Awu, Mfowethu Best, ngizokubuza owodwa, futhi uma uzongiphendula uthi ‘yebo’ noma ‘qha,’” wathi, “sizoxazulula impikiswano nje khona manje.”

Futhi wathi—wathi, “Ngizokugcina lokho!”

Wacela umongameli ukuthi angemcele yini. Wathi, “Yebo.”

239 Wathi, “Mfowethu Best, ngabe amagama okuhlenga kaJehova asetshenziswa kuJesu na? ‘Yebo’ noma ‘qha’ na?”

240 Lokho kwakuxazulula. Kwaba yilokho. Ngiyakutshela, ngavele ngezwa into ethize ivele ihamba kimi wonke. Angizange ngicabange ngalokho, mina qobo, uyabona. Futhi ngacabanga, “O, he, akakwazi ukuphendula! Lokho kuyakubopha.”

Wathi, “Awu, Dokotela Best, ngi—ngiyashaqeka.”

Wathi, “Ngizokugcina lokho!”

241 Wathi, “Ngiyashaqeka ukuthi awukwazi ukuphendula umbuzo wami olula kunayo yonke.” Wavele akanganengwa nje, futhi wayazi ukuthi wayemi kuphi. Ngakho-ke wavele nje wahlala phansi lapho nalowomBhalo.

Wathi, “Thatha imizuzu yakho engamshumi amathathu, ngizokuphendula emva kwalokho!”

242 Futhi uMfowethu Bosworth omdala wahlala lapho wayesethatha lowomBhalo waseyibopha leyondoda ngangokuthi ubuso bayo baze bababomvu ngangokuthi wawungabokhela ngomentshiso, cishe.

243 Wasukuma lapho, ethukuthele, futhi wajikijela amaphepha asakazeka phansi, wasukuma lapho wayeseshumayela emnandi intshumayelo yobuCampbell. NgangingumBaptisti, ngiyazi ukuthi bakholelwa kukuphi. Akazange... Wayeshumayela ngokuvuka, “‘uma lokhu okufayo kwembatha ukungafi,’ khona-ke siyoba nokuphulukisa kukaNkulunkulu.” O, he! Sikufunelani ukuphulukisa kukaNkulunkulu emva kokuba sesingabangafiyo (“uma lokhu okufayo kwembatha ukungafi,” ukuvuka kwabafileyo)? Wasingabaza ngisho isimangaliso asenza uJesu kuLazaru, wathi, “Wafa futhi, futhi lokho kwakuyinto yesikhashana nje.” Uyabo?

244 Futhi eseqedile kanjalo, wathi, “Mveze lowomphulukisi ngokukaNkulunkulu futhi ngimbone enza!”

245 Base benebhakana ngalesosikhathi. UMfowethu uBosworth wathi, “Uyangimangaza, Mfowethu Best, ungaphenduli owodwa umbuzo engikubuze wona.”

246 Futhi ngakho wayesephiyaza ngempela kulesosikhathi, wathi, “Mlethe lowomphulukisi ngokukaNkulunkulu futhi ngimbone enza!”

Wathi, “Mfowethu Best, uyakholelwa ekutheni abantu bayasindiswa na?”

Wathi, “Impela!”

Wathi, “Ungafuna ukubizwa ngomsindisi ngokukaNkulunkulu na?”

Wathi, “Nhlobo ngeke!”

247 “Kanjalo . . . Lokho kungekwenze umsindisi  
ngokukaNkulunkulu ngoba ushumayele ukusindiswa  
komphefumulo.”

Wathi, “Awu, impela ngeke!”

248 Wathi, “Kanjalo akumenzi uMfowethu Branham  
abengumphulukisi ngokukaNkulunkulu ngokushumayela  
ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu komzimba. Akasiye neze  
umphulukisi ngokukaNkulunkulu, ukhomba abantu kuJesu  
Kristu.”

249 Futhi wathi, “Mlethe, angimbone enza! Angibuke  
kubantu, unyaka kusukela namuhla, futhi ngizokutshela uma  
ngizoKukholwa noma ngeke.

250 UMfowethu Bosworth wathi, “Mfowethu Best, lokho  
kuzwakala njengeline icala eKalvari, ‘Yehla esiPhambanweni  
khona-ke futhi sizoKukhowa.’” Uyabo?

251 Futhi ngakho, o, waqhuma ngempela. Wathi, “Angimbone  
enza! Angimbone enza!” Omongameli bamhlalisa phansi.  
Wawelela laphaya, futhi kwakukhona umshumayeli  
wePentekoste emi laphaya, wavele nje wamshaya waze  
wayonqamula le emsamo. Futhi ngakho bammisa-ke  
ngalesisokhathi. (Ngakho uMfowethu Bosworth wathi, “Lapha,  
lapha! Qha, qha.”) Ngakho omongameli bamhlalisa phansi.

252 URaymond Richey wasukuma, wathi, “Ngabe lesi yisimo  
sokuziphatha seNgqungquthela yeBaptisti yangaseNingizimu  
na?” Wathi, “Nina befundisi beBaptisti, ngabe iNgqungquthela  
yeBaptisti yangaseNingizimu ethumele lendoda ize ngapha  
noma izizele yona ngokwayo na?” Abaphendulanga. Wathi,  
“Nginibuzile!” Wayebazi, bonke.

253 Bathi, “Uza ngesingaye.” Isizathu ngiyazi amaBaptisti  
ayakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi.  
Ngakho-ke wathi, “Ufika ngesingaye.”

254 Ngakho-ke ngalesosikhathi nakhu okwenzekayo  
ngaleyonkathi. Khona-ke uMfowethu Bosworth wathi, “Ngiyazi  
uMfowethu Branham usenkonzweni, uma efuna ukuza futhi  
akhulule ibandla, kuhle kakhulu.”

Ngakho uHoward wathi, “Hlal’uthule!”

Ngathi, “Ngihlezi ngithule.”

255 Futhi khona manjalo nje Into ethize iza ngokuzungeza,  
iqala ukuhamba ivunguza, futhi ngazi ukuthi KwakuyiNgelosi  
yeNkosi, yathi “Sukuma!”

256 Cishe abantu abangamakhulu amahlanu bahlanganisa  
izindla zabo kanje, benza isikhala sezihlalo, behlela emsamo.

257 Ngathi, “Bangani, angisuye neze umphulukisi  
ngokukaNkulunkulu. Ngingumfowenu.” Ngathi, “Mfowethu  
Best, ngokunga . . .” Kumbe, “Mfowethu Best,” ngathi,

“hhayi ukuthi angikuhloniphi, mfowethu wami, cha nakanci. Unelungelo ezinkolelweni zakho, kanjalo nami.” Ngathi, “Kusobala, uyabo awukufakazelanga lokho, iphuzu lakho, ngoMfowethu Bosworth. Awukwazanga nanganoma yimuphi umuntu ofunde kahle eBhayibhelini, owazi lezozinto.” Ngathi, “Futhi maqondana nokuphulukisa abantu, angeke ngabaphulukisa, Mfowethu Best. Kepha ngilapha njalo ebusuku, uma ufuna ukubona iNkosi yenza izimangaliso, fika ngapha. Ikwenza zikhathi zonke ebusuku.”

<sup>258</sup> Futhi wathi, “Ngithanda ukukubona uphulukisa umuntu-mumbe bese ngibabheka! Ungabathwebula ngomthwebulo wakho, kepha,” wathi, “ngithanda ukukubona unyaka ukusuka lapho!”

Ngathi, “Awu, ubungaba nelungelo lokubahlola, Mfowethu Best.”

<sup>259</sup> Wathi, “Anilutho kuphela ningabaginqiki abangcwele abagebhezi lwekhanda olundikindiki nikholwa yizinto ezinjalo. AmaBaptisti awakholelwa embhedweni onje.”

<sup>260</sup> UMfowethu Bosworth wathi, “Awume kancane nje.” Wathi, “Bangaki abantu khona lapho, kulenkondo zamaviki amabili lapha, abami ekumeni okuhle nalamabandla amaBaptisti amahle lapha eHouston, abangafakazisa ukuthi niphulukiswe nguNkulunkulu uMninimandla onke ngenkathi uMfowethu Branham kade elapha na?” Futhi abangaphezu kwamakhulu amathathu basukuma. Wathi, “Uthini ngalokho na?”

<sup>261</sup> Wathi, “Abasiwo amaBaptisti!” Wathi, “Noma ngubani angafakaza noma yini, phezu kwalokho akukwenzi kube ngokuqinisileyo!”

<sup>262</sup> Ngathi, “IZwi likaNkulunkulu lithi kuqinisile, futhi ngeke umelane nalokho. Futhi abantu uthi kuqinisile, futhi ngeke ukubuyisele phansi lokho. Ngakho uzokwenzani ngaKho na?” Uyabo, kanjalo.

<sup>263</sup> Ngathi, “Mfowethu Best, ngisho okuliQiniso kuphela. Futhi uma ngineqiniso, uNkulunkulu ubophezekile ukulesekela iQiniso.” Ngathi, “Uma Engenjalo... Uma Engenakulisekela iQiniso, khona-ke Akasuye uNkulunkulu.” Futhi ngathi, “Angibaphulukisi abantu. Ngazalwa ne-nesiphiwo ukubona izinto, ngikubone kwenzeka.” Ngathi, “Ngiyazi angiqondwa, kodwa ngeke ngenza okungaphezu kokugcwalisa ukukholelwa kwenhliziyo yami.” Ngathi, “Ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu wavuka kwabafuleyo. Futhi uma uMoya ofika futhi ukhombise imibono nokunye, uma lokho kubuzwa, awuthi gqi ngapha futhi uthole.” Ngathi, “Yilokho kuphela.” Kodwa ngathi, “Kepha ngokwami, angeke ngazenzela lutho olungolwami luqobo.” Futhi ngathi, “Uma ngikhuluma iQiniso, uNkulunkulu ubophezekile kimi, ukufakaza ukuthi KuliQiniso.”

<sup>264</sup> Futhi cishe ngalesosikhathi, Into ethize yahamba, “Whuuuush!” Nangu Eza, ehlela phansi ngqo. NeNhlango yomThwebuli waseMelika, iDouglas Studios eHouston, eTexas, inomshini omkhulu wezithombe uhlezi laphaya (banqatshelwe ukuthatha izithombe), basithwebula isithombe.

<sup>265</sup> Ngenkathi belapho ukuthwebula izithombe zika Mnu. Best, futhi wa—wathi, ngaphambi kokuba ngehlele lapho, wathi, “Yima kancane! Nginezinkazimulo eziyisithupha eziza lapha!” Wathi, “Lapha, thwebulani isithombe sami manje!” Futhi wabeka umunwe wakhe ekhaleni laleyondoda endala enobungwele, kanjalo, wathi, “Manje thwebulani isithombe sami!” Futhi bakwenza. Khona-ke wafinqa isibhakela sakhe futhi wasiphakamisa, wathi, “Manje thathani isithombe sami!” Futhi basithatha kanjalo. Khona-ke wenza kanjalo, ukumisela isithombe sakhe. Wathi, “Niyokubona lokhu kumagazini wami!” kanjalo.

<sup>266</sup> UMfowethu Bosworth wama lapho akangathi vu. Ngakho-ke nje bathwebula isithombe saLokhu.

<sup>267</sup> Emgwaqeni kuyiwa ekhaya ngalobobuku, (umfana oliKatolika wasithatha), wathi kulona omunye umfana, wathi, “Ucabangani ngaLokho na?”

<sup>268</sup> Wathi, “Ngiyazi ngamgxeka. Lesosifo sokuvuvuka komphimbo esasuka kulowomphimbo wowsifazane, ngathi umluthile.” Wathi, “Kungaba ngibenephutha kulokho.”

Wathi, “Ucabangani ngalesiya sithombe na?”

“Angazi.”

<sup>269</sup> Basibeka kwi asidi. Nasi isithombe sakhe, ungambuza uma ufuna. Baya ekhaya, wahlala lapho futhi wabhema usikilidi. Wangena wayesedonsa wakhapha esinye sikaMfowethu Bosworth, kwakuyinekethivu. Wakhapha ezimbili, ezintathu, ezine, ezinhlanu, eziyisithupha, futhi zonke zazingenamfanekiso. UNkulunkulu wayengevumele isithombe sendoda endala engcwele yaKhe ime lapho nalowo-mzenzisi, nekhala lakhe, noma isandla, isibhakela sinyakaza phansi kwekhala lakhe kanjalo. Wayengekuvumele.

<sup>270</sup> Badonsa esilandelayo, futhi nakhu la Kwakukhona. Indoda yahlaselwa yisifo senhliziyo, basho njalo, ngalobobusuku.

<sup>271</sup> Futhi bathumela lenekethivu eWashington D.C. Kwenziwa ikhophi ngokomthetho, sathunyelwa emuva.

<sup>272</sup> Futhi uGeorge J. Lacy, inhloko ye F.B.I. ophathelene nemilobo yeminwe nemibhalo, nokunye, omunye wabakhulu kunabo bonke okhona emhlabeni wonke, walethwa lapho futhi wahlala izinsuku ezimbili kuyo ukuhlola umshini wokuthwebula, ukukhanya okuningi, konke okunye. Futhi ngenkathi sifika ngaleyontambama, wathi, “Mfundisi Branham, bencingumgxeki wakho, nami.” Wathi, “Ngase

ngithi kwakuyisayensi ephathelene nakho konke okuthintana nengqondo, umuntu-mumbe wathi babebone lokho kuKhanya okuningi nezinto ezinjengalezo.” Futhi wathi, “Uyazi, umzenzisi omdala wayevame ukusho lokho” (wayeqonde ongakholwayo) “‘lezozithombe ngapho, leyondingilizi yokukhanya ezungeze uKristu, ezungeze abangcwele,’ wathi, ‘lokho kalula nje kwakuyisayensi ephathelene nakho konke okuthintana nenqondo.’” Kodwa wathi, “Mfundisi Branham, ukwakhiwa kweso lalomshini wezithombe ngeke uthathe isayensi ephathelene nakho konke okuthintana nengqondo! UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya, noma kwashaya inekethivu, futhi Kwavela.” Futhi wathi. . .

273 Ngakwedlulisela kubo. Wathi, “O, mnumzane, uyazi ukuthi lokho kubizani na?”

Futhi ngathi, “Hhayi kimi, mfowethu, hhayi kimi.” Futhi ngakho wathi. . .

274 “Kusobala, akuyikusebenza neze usaphila, kepha langa limbe, uma impucuzeko iqhubekela phambili nobuKristu busala, koba khona into ethile eyokwenzeka ngalokhu.”

275 Ngakho, bangani, kulobubusuku, uma lena kuyinkonzo yethu yokugcina kulomhlaba, nina nami sihlale eBukhoneni bukaNkulunkulu uMninimandla onke. Ubufakazi bami buqinisele. Eziningi, eziningi izinto, bekungathatha imiqingo yamabhuku ukukubhala, kepha ngifuna ukuba nazi.

276 Bangaki phakathi lapha ngempela o, ngaphandle kwesithombe, obone ukuKhanya ngokwaKho kumi kuzungeze lapho kade ngishumayela khona na? Phakamisani izandla zenu, kuyoyonke indlu, noma ngubani osewake waKubona. Uyabo, cishe isishiyagalombili kumbe ishumi lezandla kohlezi lapha.

277 Wena uthi, “Unga—bangaKubona mina ngingaKuboni na?” Yebo, mnumzane.

278 Leyo—leyoNkanyezi izazi esasiyilandela, yedlula phezu kwazo zonke izindlu zokuqapha. Akukho muntu oyiYibonile kepha yibona. Baba yibo kuphela abaYibonayo.

279 UElijah wayemi lapho ebuka zonke lezozinqola zomlilo, nakho konke okunye. Futhi uGehazi waqalaza, akazibonanga ndawo. UNkulunkulu wathi, “Vula amehlo akhe ukuze abone.” Futhi khona-ke wayesezibona, uyabo. Kepha wabe engumfana olungileyo, emi lapho eqalaza, kepha akakubonanga. Impela. Kunikelwe kwabanye ukuba babone, nabanye bangakuboni. Futhi lokho kuliqiniso.

280 Kepha manje wena ongakaze uKubone, ongakaze uKubone, nawe oKubonile ngeso lakho lokwenyama kepha ungakaze usibone isithombe, nokho labo obona isithombe unobufakazi obukhudlwana kunawe oKubone ngeso lakho lokwenyama. Isizathu wena, ngeso lakho lokwenyama, bekungathathwa

ngesinxele, bekungaba ngokukhohliseka kwamehlo. Ngabe kanjalo na? Kepha Lokho akusikho ukukhohliseka kwamehlo, Lokho kuliQiniso, lapho ucwaningo lwesayensi lufakazisa ukuthi KuliQiniso. Ngakho iNkosi uJesu ikwenzile lokhu.

“Ucabanga ukuthi Kuyini pho,” usho njalo, “Mfowethu Branham?”

<sup>281</sup> Ngikholwa yikuthi Kuseyiyo iNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwalsrayeli besuka eGibhithe beya ePalastine. Ngiyakholwa ukuthi Kuseyiyo iNgelosi yokuKhanya ingena e—ejele futhi iza ku Petro oNgcwele yase imthinta, yase iqhubekela phambili yase ivula umnyango yase imbeka phandle ekukhanyeni. Futhi ngiyakholwa ukuthi NguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Amen! Unguye lowoJesu namuhla owayenguYe izolo, Uyohlala phakade enguJesu ofanayo.

<sup>282</sup> Futhi ngenkathi ngisakhuluma ngaKho, lokho kuKhanya okufanayo okukuleso sithombe kuse...kumi kungemafidi amabili ukusuka lapho engimi khona njengamanje. Kunjalo. AngiKuboni ngawami—ngamehlo ami, kepha ngiyazi ukuthi Kumi lapha. Ngiyazi ukuthi Kuhlezi phakathi kwami khona manje. O! Uma kuphela ubungahle wazi umahluko uma amandla kaNkulunkulu uMninimandla onke ebamba, nokuthi izinto zibukeka zehluka kanjani!

<sup>283</sup> Lokho yinselelo, kunoma ngubani. Bengingezukukhulekela abantu abangaguli, bengizokwenza ukunikezwa. Kepha umbono ulenga phezu kwabantu. Ehhe. UNkulunkulu uyakwazi. Angizukubiza mugqa wokukhulekelwa, ngizovele nje nginiyeke nihlale lapho. Bangaki kini bantu abangenalo ikhadi lokukhulekelwa na? Asibone isandla sakho, umuntu othize ongenalo ikhadi lokukhulekelwa, abangenalo ikhadi lokukhulekelwa.

<sup>284</sup> Intombi yekhaladi ihlezi lapha, ngiyabona ubuphakamise izandla zakho. Kunjalo na? Vele ume ukuze ngiqondane nawe umzuzu nje. Angazi ukuthi uMoya oNgcwele uzothini, kepha ungibuka ngokwethembeka okumangalisayo. Awunakhadi lokukhulekelwa na? Uma uNkulunkulu uMninimandla onke engembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho... Ngenza lokhu nje ukuqalisa, ukuba nje kuqaleke. Uyangikholwa ukuthi ngi... Uyazi akukho lutho...akukho neyodwa into enhle ngami. Uma ungowesifazane oshadileyo, angingaphezu kwendoda yakho. Ngingumuntu nje. Kepha uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi Uthumele uMoya waKhe ukuqinisekisa lezizinto.

<sup>285</sup> Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile kuwena (futhi uyazi akukho-ndlela kimina ukuba ngibe nokuthintana nawe kwasanhlobo), uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Udade uyaphawula—Umhl.] UNkulunkulu



akubusise. Ngakho-ke isifo sakho sebhphi sesikushiyele. Yilokho obunakho. Bekungenjalo na? Ngakho-ke hlala phansi.

286 Vele nje ukholwe yilokho kanye! Ngiphosela inselelo kunoma ngubani ukuba aKukholwe.

287 Bheka lapha, ake ngikutshele into ethize. UMartha, eza eNkosini uJesu. Lesosiphiwo sasingeyukusebeza neze... Emva kokuba uBaba wayesevele eMtshengisile Ayezokwenza. Kwakungayikusebenza neze. Kepha wathi, “Nkosi, ngi... Uma Ubulapha, umfowethu ubengayukufa.” Wathi, “Kodwa ngiyazi ukuthi ngisho nakalokhu noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyakuKunika yona.”

288 Wathi, “NgingukuVuka nokuPhila, lowo okholwa yiMi noma efile, nokho uyophila. Nalowo ophila akholwe yiMi akasoze afe. Uyakholwa yilokhu na?”

289 Lalelani kulokho akushoyo. Wathi, “Yebo, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi konke Okushilo kuliQiniso. Ngiyakholwa UyiNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni.” Lokho ngukuqhamukela kwakhe, ngokuthobeka.

Uzwa ukwahluka, awunjalo, ntombi na? Yebo. Kunjalo.

290 Intombi encane ihlezi khona laphaya, laphaya eceleni kwakho, futhi, iphethwe isifo samathambo nenkathazo yabesifazane. Lokho Akunjalo na, ntombi? Sukuma umzuzu nje, intombi encane egqoke ingubo ebomvu. Ubuseduzane kakhulu, umbono uze kuwe. Isifo samathambo, inkathazo yabesifazane. Kunjalo na? Futhi nakhu okuthize empilweni yakho (uno—unokubukeka okuhle okuqonde ngqo kuwe): unenqwaba yokukhathazeka empilweni yakho, inqwaba yenkathazo. Naleyonkathazo imayelana nothandiweyo wakho, yindoda yakho. Iyisidakwa. Ayilubhadi esontweni. Uma lokho kuyikho, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Yana ekhaya manje futhi wemukele isibusiso sakho. Uyaphiliswa, kudedelwa ngakuwe ukukhanya.

291 Indoda ehlezi ngaseceleni kwakhe ngqo lapho. Wena, mnumzane, uyakholwa na? [Umfowethu uthi, “Yebo. Ngiyakholwa.”—Umhl.] Ngenhliziyo yakho yonke na? [“Yebo, mnumzane.”] Ulahlekelwe ngowodwa wemizwa yakho. Nalowo ngumuzwa wokuhogela. Lokho akunjalo na? Uma kunjalo, vayizisa isandla sakho. [“Kunjalo.”] Phakamisa isandla sakho usibeke emlonyeni wakho, kanje, thana, “Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa ngenhliziyo yami yonke.” [“Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa ngenhliziyo yami yonke.”] UNkulunkulu akubusise. Hamba manje. Uzokwemukela ukuphiliswa kwakho.

292 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu! Nicabangani nonke ngaKho, emuva phakathi laphaya na? Niyakholwa na? Hloniphani!

<sup>293</sup> Kukhona intombi ehlezi emuva ngqo laphaya ekhoneni. Ngiyakubona lokho kuKhanya kulengela phezu kwayo. Yileyondlela kuphela engingasho ngayo ukuthi kwenzenjani ngakho, lokho kuKhanya kuyalenga. Lokhu kuKhanya khona lapha kulengela phezu kwentombi. Kungaba umzuzu nje, uma ngingabona ukuthi kuyini. Kuzokwephula. . . Intombi iphethwe yi—yinkathazo yenhliziyi. Ibuka kimi ngqo.

<sup>294</sup> Nendoda yayo ihlezi eceleni kwayo. Nendoda yayo inokugula okuthize, ibigula nje, ixhaphazela, igula. Lokho akunjalo, mnumzane na? Phakamisa izandla zakho uma lokho kuliqiniso. Kuyikho, nguwe, ntombi, onesikhafu esincane lapho. Ummuzane, akunjalo na? Ubungenakho nje ukuxhaphazela namuhla na? Unokuxhaphazela esiswini sakho, indoda. Kunjalo.

<sup>295</sup> Nonke niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke, nobabili na? NiyaKwamukela na? Mnumzane, ngiyakutshela, wena futhi, ngikubona uphakamise isandla sakho, injwayelo yokubhema. Yekela ukwenza lokho. Ubhema izigazu, awufanele wenze lokho, kukwenza ugule. Akunjalo na? Uma kunjalo, vayizisa isandla sakho kanje. Yilokho okukuxhaphazelisayo. Kubi emizweni yakho. Phosa into ecasulayo kude bese futhi ungaphinde uyenze, futhi uzokwelulama kulokho futhi ube ngcono, nenkathazo yenhliziyi yomkakho izomshiya. Uyakholwa yilokho na? Akunjalo na? Angikuboni ngilapha, futhi uyakwazi lokho, kodwa uphethe izigazu e. . . e—ephaketheni lakho elingaphambili. Kunjalo. Khipha izinto bese ubeka isandla sakho phezu komkakho, tshela uNkulunkulu ukuthi sewuyiyekile leyonhlobo yempahla, uzoya ekhaya uphilile, wena nenkosikazi nizophila. Malibusiswe iGama leNkosi uJesu!

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

<sup>296</sup> Lentombi encane ehlezi lapha ingibuka lapha. Wena ose. . . laphaya esihlalweni esingaphambili lapha, ohlezi khona lapha. Intombi encane ene. . . engibukayo, ehlezi khona lapho. Awuna. . . Unekhadi lokukhulekelwa, ntombi, khona lapha na? Awunakhadi lokukhulekelwa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu angakusindisa na?

<sup>297</sup> Ucabangani ngaKho, wena ohlezi eceleni kwakhe ke? Unalo ikhadi lokukhulekelwa, ntombi na? Awunalo na? Ufuna ukusinda, nawe na? Ungethande ukuhamba ude futhi njengoba wawenza, ubuhlungu besisu buphele na? Uyakholwa ukuthi uJesu uyakuphulukisa manje na? Sukuma uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu ukuphulukisile. Ubunesisu esinezilonda, ubungenjalo na? Kubangwa yisimo sokwethuka. Ubuyilokhu wethuka isikhathi eside. Kakhulu i-asidi nezinto, noma ngiqonde ukuthi kudala i-asidi, futhi kwenza amazinyo athunukalayo uma ubhodla ukudla kwakho kubuye ngomlomo wakho. Lokho kuliqiniso. Yebo, mnumzane. Kuyisilonda

esisemgudwini wokugaya ukudla, bekuhleli phansi esiswini sakho. Kuyashisa kwesinye isikhathi emva kokudla kakhulu isinkwa esithosiweyo esinebhotela. Kunjalo na? Angifundi wona umqondo wakho, kodwa uMoya oNgcwele akanakuphosisa. Uphilile manje. Hamb'ekhaya, usinde.

<sup>298</sup> Nina ke enisemuva ngale kulelicala na? Abanye benu laphaya abangenakhadi lokukhulekelwa, phakamisa isandla sakho. Othile ongenawo amakhadi okukhulekelwa. Kulungile, hloliphani, kholwani ngenhliziyo yenu yonke. Kunjani phezu kuvulande osesitezi na? Yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

<sup>299</sup> Angeke ngikwenze lokhu ngaphakathi kwami luqobo, kungumusa waKhe omkhulu kuphela. Niyakholwa na? Ngingasho kuphela njengoba Engikhombisa. Njengoba ukukholwa kwenu...Ngisho lokho ukunyakazisa ukholo lwenu, bese-ke ngibona ukuthi Uzongiholela kuyiphi indlela. Niqondile ukuthi lona—lona akusiyena umfowenu na? Nimi eBukhoni baKhe. Akusimina owenza lokhu, ngukukholwa kwenu okuKusebenzisayo. Ngeke ngaKusebenzisa, ukholo lwenu olukwenzayo. Anginandlela yokuKusebenzisa. Umzuzu nje.

<sup>300</sup> Kulelikhona ngibona indoda yekhaladi ihlezi laphaya, engathi isindala, ifake izibuko. Unalo ikhadi lokukhulekelwa, mnumzane na? Yima ngezinyawo zakho umzuzu. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, ngenhliziyo yakho yonke na? Ucabanga ngomunye umuntu, awunjalo na? Uma lokho kunjalo, vayizisa isandla sakho. Hhayi ngoba kuyimi, umfowenu. Manje, awunalo ikhadi lokukhulekelwa. Bekungebebhikho ndlela ukuba ungene emgqeni, ngoba awunalo ikhadi lokukhulekelwa. Manje, uma noma yimuphi kini enamakhadi okukhulekelwa, unga—unga—ungasukumi, uyabo, ngoba nizoba nethuba lokuza emgqeni.

<sup>301</sup> Kepha ngibona lokho kuKhanya nje kulenga phezu kwayo. AKukabhobokeli neze embonweni nokho. Ngeke ngakuphulukisa, mfowethu, ngingeke. NguNkulunkulu kuphela ongenza lokho. Kepha okwakho...okwakho...unokukholwa. Uyakholwa. Futhi kukhona i—into ethize, e—ekubangelayo, ngenye indlela.


<sup>302</sup> Uma uNkulunkulu uMninimandla onke ezotshela lendoda ukuthi yini inkathazo yayo, nonke enisele nizokwemukela ukuphulukiswa kwenu na? Nanso indoda, ngokuphelele imi ishuni, ishumi nanhlanu lamayadi ukusuka kimi, angikaze ngiyibone empilweni yami. Iyindoda nje emi laphaya. Uma uNkulunkulu uMninimandla onke ezokwembula ukuthi yini engalungile ngaleyondoda, nonke lapha kofanele niphume lapha nje ningumuntu ophilile. Angenzani okunye futhi uNkulunkulu na? Kunjalo na?

<sup>303</sup> Mnumzane, akukho lutho olungalungile kuwe. Ubuthakathaka, uthi ukuvukavuka ebusuku, okwezindlala ezisesinyeni nokunye, kepha lokho akusiyo inkathazo yakho. Inkathazo yakho imayelana nomfana wakho. Nomfana wakho usohlobeni oluthize lwesikole sombuso, futhi unobuntu obubili. Kunjalo na? Vayizisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Lokho kunjalo impela.

<sup>304</sup> Bangaki okholwayo manje ukuthi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu imi lapha na? Masisukumeni futhi sinikele udumo futhi semukele ukuphulukiswa kwethu.

<sup>305</sup> Nkulunkulu Mninimandla onke, Mqalisi wokuPhila, Mnikezeli wasosonke isiphiwo esihle, Ulapha, yona leyoNkosi uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

<sup>306</sup> Futhi, Satane, ubakhohlisile lababantu isikhathi eside ngokwenele, phuma kubo! Ngiyakubopha ngoNkulunkulu ophilayo OBukhona bakhe bulapha manje ngesimo seNsika yoMlilo, bayeke lababantu! Futhi uphume kubo, eGameni likaJesu Kristu!

<sup>307</sup> Nonke phakamisani izandla zenu futhi nidumise uNkulunkulu, futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu, nonke. [Ibandla lidumisa uNkulunkulu—Umhl.] 

*YAFIKA KANJANI INGELOSI KIMi NOMYALO WAYO ZUL55-0117*

(How The Angel Came To Me, And His Commission)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrior Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko kusihlwa, ngo Januwari 17, ngo 1955, eLane Tech High School, eChicago, eIllinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)